
DECEMBER 15, 2012

# INQABAYOKULINDA

## EMEMEZELA UMBUSO KAJEHOVA

UMAGAZINI OFUNDWAYO




IZIHLOKO EZIFUNDWAYO

**JANUARY 28–FEBRUARY 3**
### Thola Impumelelo Yangempela Ekuphileni
IKHASI 4 • IZINGOMA: 115, 45

**FEBRUARY 4-10**
### Ungumphathi Othenjwayo!
IKHASI 9 • IZINGOMA: 62, 125

**FEBRUARY 11-17**
### Ukulondoloza Ukuma Kwethu 'Njengezakhamuzi Zesikhashana'
IKHASI 19 • IZINGOMA: 107, 40

**FEBRUARY 18-24**
### "Izakhamuzi Zesikhashana" Zinobunye Ekukhulekeleni Kweqiniso
IKHASI 24 • IZINGOMA: 124, 121

INQABAYOKULINDA
EMEMEZELA UMBUSO KAJEHOVA

DECEMBER 15, 2012

Vol. 133, No. 24 Semimonthly (ISSN 0019-0241)
ZULU

INJONGO YALO MAGAZINI, *INqabayokulinda,* iwukudumisa uJehova uNkulunkulu, uMbusi Ophakeme wendawo yonke. Njengoba nje izinqaba zokulinda zezikhathi zasendulo zazisiza umuntu ukuba akwazi ukubona izinto ezenzekayo ekude, ngokufanayo lo magazini usibonisa lokho okushiwo izenzakalo zezwe ngokuvumelana neziprofetho zeBhayibheli. Ududuza abantu ngezindaba ezinhle zokuthi maduze uMbuso kaNkulunkulu, owuhulumeni wangempela osezulwini, uzoqeda bonke ububi futhi uguqule umhlaba ube yipharadesi. Ukhuthaza ukuba nokholo kuJesu Kristu, owafa ukuze sithole ukuphila okuphakade futhi osebusa njengeNkosi yoMbuso kaNkulunkulu. Lo magazini ubulokhu unyatheliswa oFakazi BakaJehova kusukela ngo-1879 futhi awuthathi hlangothi kwezombangazwe. Unamathela eBhayibhelini njengegunya lawo.

Lo magazini awuthengiswa. Uyingxenye yomsebenzi wokufundisa ngeBhayibheli owenziwa emhlabeni wonke osekelwa ngeminikelo yokuzithandela. Ngaphandle kwalapho kuboniswe ngenye indlela, izingcaphuno zemiBhalo zithathwe kuyi-*Nguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo Engcwele* yolimi lwanamuhla.

*The Watchtower* (ISSN 0043-1087) is published semimonthly by Watchtower Bible and Tract Society of New York, Inc.; L. Weaver, Jr., President; G. F. Simonis, Secretary-Treasurer; 25 Columbia Heights, Brooklyn, NY 11201-2483. Printed in South Africa by Watch Tower Bible and Tract Society, 1 Robert Broom Drive East, Rangeview, Krugersdorp, 1739. © 2012 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania. All rights reserved.

## INJONGO YEZIHLOKO EZIFUNDWAYO

### IZIHLOKO EZIFUNDWAYO 1, 2
**AMAKHASI 4-13**

Kusho ukuthini ukuba ophumelela ngempela ekuphileni? Lezi zihloko zibonisa ukuthi impendulo enembile ihlukile endleleni izwe eliyibheka ngayo le ndaba. Sizobona nokuthi ukuze sibe abaphumelela ngempela, kumelwe sihlale sithembekile kuNkulunkulu futhi samukele imithwalo yemfanelo esinikwa yona.

### IZIHLOKO EZIFUNDWAYO 3, 4
**AMAKHASI 19-28**

AmaKristu agcotshiwe—futhi ngomqondo othile nabangane bawo 'bezinye izimvu' —'ayizakhamuzi zesikhashana' kanjani? (Joh. 10:16; 1 Pet. 2:11) Lezi zihloko zizosinika impendulo futhi zizosiqinisa ekuzimiseleni kwethu ukuhlale sinjalo, sishumayela ngobunye njengengxenye yobuzalwane bomhlaba wonke.

## EZINYE EZIKULO MAGAZINI

3 QAPHELA UKUSEBENZISA IBHAYIBHELI NGENDLELA EBONISA UKUKHOLELWA EZENI

14 IMIBUZO EVELA KUBAFUNDI

18 INGABE UYAKHUMBULA?

29 *INQABAYOKULINDA* EYENZIWE LULA —KUNGANI IBE KHONA?

32 UHLU LWEZIHLOKO ZE-*NQABAYOKULINDA* KA-2012



**ISEMBOZO:** KunoFakazi abangaphezu kuka-100 000 eNingizimu Korea. Ngenxa yokuthi abathathi hlangothi kwezombusazwe futhi bayenqaba ukuphatha izikhali bayolwa nomakhelwane babo, abaningi kubo basejele. Ngisho noma belapho bayazikhandla ukuze banikeze ubufakazi obuhle, kungaba ngokubhala izincwadi


### ENINGIZIMU KOREA

**INANI LABANTU**
48 184 000

**ABAMEMEZELI**
100 059

**ABAZALWANE ABABESEJELE NGONYAKA ODLULE**
731

**AMAHORA ABAWACHITHA ENKONZWENI NGENYANGA**
9 000



# Qaphela Ukusebenzisa IBhayibheli Ngendlela Ebonisa Ukukholelwa Ezeni

"IZWI likaNkulunkulu liyaphila, linamandla." (Heb. 4:12) Ngalawo mazwi umphostoli uPawulu waqokomisa amandla ezwi likaNkulunkulu okuthinta izinhliziyo nokuguqula ukuphila.

Nokho, lo mbono wamandla esigijimi seBhayibheli washintshwa ngemva kokufa kwabaphostoli lapho kuqala ukuhlubuka okwakubikezelwe. (2 Pet. 2:1-3) Ngokuhamba kwesikhathi, abaholi bamasonto baqala ukuthi iZwi likaNkulunkulu linamandla omlingo. UProfesa Harry Y. Gamble wabhala "ngokusetshenziswa kwemibhalo yamaKristu ekwenzeni imilingo." Waphawula ukuthi ngekhulu lesithathu leminyaka, uBaba WeSonto u-Origen wasikisela ukuthi "ukuzwa nje amazwi angcwele kuyazuzisa ngandlela-thile: uma amaqaba ekwazi ukwenza imilingo ngamazwi, kumelwe ukuba anamandla kangakanani-ke amazwi angcwele avela emibhalweni." UJohn Chrysostom owaphila ngasekuphele-ni kwekhulu lesine leminyaka wabhala ukuthi "uDeveli ngeke alinge asondele endlini eneVangeli." Wabika nokuthi abanye balengisa entanyeni izindinyana ezithile zamaVangeli njengentelezi enamandla. UProfesa Gamble waphinde waphawula ukuthi isazi semfundiso yenkolo yamaKatolika u-Augustine "sasikubheka njengokuvumelekile ukuba lapho umuntu ephethwe ikhanda abeke iVangeli LikaJohane ngaphansi komcamelo lapho elala"! Ngakho, imibhalo yeBhayibheli yayisetshenziselwa imilingo. Ungalibheka yini iBhayibheli njengentelezi, noma ikhubalo lenhlanhla, engakuvikela kokubi?

Cishe indlela evame kakhulu yokusebenzisa kabi iBhayibheli umkhuba wokubhula ngezincwadi. Kuyini lokhu? Kubhekisela emkhubeni wokuvula nomaphi encwadini, ngokuvamile eBhayibhelini, bese ufunda ivesi lokuqala amehlo akho azohlala kulo ngenkolelo yokuthi lelo vesi lizokunika isiqondiso osidingayo. Ngokwesibonelo, ngokukaProfesa Gamble, ngelinye ilanga lapho u-Augustine ezwa izwi lengane endlini kamakhelwane lithi: "Thatha ufunde, thatha ufunde," u-Augustine wakuthatha lokho njengomyalo ovela kuNkulunkulu wokuba avule iBhayibheli afunde ivesi lokuqala nje amehlo akhe azohlala kulo.

Wake wezwa ngabantu okuthi lapho bebhekene nobunzima bathandaze kuNkulunkulu, bese bevula iBhayibheli noma kuphi, bekholelwa ukuthi ivesi lokuqala nje amehlo abo azohlala kulo lizobasiza bakwazi ukuthwala leyo nkinga? Nakuba kungenzeka ukuthi babekwenza ngezinhloso ezinhle, lena akuyona indlela okufanele amaKristu afune ngayo isiqondiso semiBhalo.

UJesu waqinisekisa abafundi bakhe ukuthi wayezobathumelela "umsizi, umoya ongcwele." Waqhubeka wathi: "Wona uyonifundisa zonke izinto futhi *unikhumbuze* zonke izinto enginitshele zona." (Joh. 14:26) Ngokuphambene nalokhu, ukubhula ngezincwadi akudingi ukuba ube unolwazi lwemiBhalo.

Umkhuba wokubhula ngezincwadi nokunye ukusetshenziswa kweBhayibheli ngendlela ebonisa ukukholelwa ezeni kuvamile. Nokho, iZwi likaNkulunkulu liyakulahla ukubheka amabika. (Lev. 19:26; Dut. 18:9-12; IzE. 19:19) "Izwi likaNkulunkulu liyaphila, linamandla," kodwa kumelwe sibe nekhono lokulisebenzisa. Ulwazi olunembile lweBhayibheli oluthuthukisa ukuphila kwabantu, akuthuthukiswa ukusebenzisa le ncwadi ngendlela ebonisa ukukholelwa ezeni. Ukuthola lolu lwazi kuye kwasiza abaningi ukuba babe nezimiso ezinhle zokuziphatha, balahle izindlela zokuphila ezilimazayo, baqinise imikhaya yabo futhi bazakhele ubuhlobo noMlobi weBhayibheli.



# THOLA IMPUMELELO YANGEMPELA EKUPHILENI

*"Uyoyiphumelelisa indlela yakho futhi uyokwenza ngokuhlakanipha."*—JOSH. 1:8.

**UNGAPHENDULA KANJANI?**

Waphumelela kangakanani uSolomoni?

Kungani kungase kuthiwe uPawulu waphumelela ngempela?

Ungaphumelela kanjani phakade?

KUSHO ukuthini ukuphumelela ekuphileni? Uma ungabuza abantu lowo mbuzo, uyothola ukuthi izimpendulo zabo zihlukene kakhulu. Ngokwesibonelo, abantu abaningi bachaza impumelelo njengokuba nemali, umsebenzi ophambili noma imfundo ephakeme. Abanye bayichaza ngobuhlobo babo nabanye—kungaba amalungu omkhaya, abangane noma abasebenza nabo. Umuntu okhonza uNkulunkulu angaze ahlobanise impumelelo nanelungelo lenkonzo ebandleni noma ukuphumelela enkonzweni.

2 Ukuze wazi umbono wakho ngempumelelo, ungase ubhale phansi amagama abantu abambalwa ocabanga ukuthi baphumelele—obathanda nobahlonipha kakhulu. Iziphi izici ezivelele abafana ngazo? Ingabe bacebile noma bangosaziwayo? Ingabe bavelele? Izimpendulo zingase zembule okusenhliziyweni yakho, futhi lokho kungathonya izinqumo ozenzayo nemigomo oyiphishekelayo.—Luka 6:45.

3 Into ebaluleke kakhulu nokho ukuthi uJehova usibheka njengababphumelelayo yini, ngoba ukuphila kwethu kuxhomeke ekwamukelweni nguye. Lapho enika uJoshuwa isabelo esinzima sokuhola ama-Israyeli awangenise eZweni Lesithembiso, uJehova wamtshela ukuba afunde uMthetho KaMose "ubusuku nemini" futhi aqaphele ukwenza ngokuvumelana nokulotshwe kuwo. UNkulunkulu wamqinisekisa: "Uma wenza kanjalo uyoyiphumelelisa indlela yakho futhi uyokwenza ngokuhlakanipha." (Josh. 1:7, 8) Siyazi ukuthi uJoshuwa waphumelela. Kuthiwani ngathi? Singabona kanjani ukuthi umbono wethu ngempumelelo uyefana nokaNkulunkulu? Ukuze sithole lokhu, ake sicabangele ukuphila kwamadoda amabili okukhulunywa ngawo eBhayibhelini.

**1, 2.** (a) Abantu abaningi bayichaza kanjani impumelelo? (b) Ungawuhlola kanjani umbono wakho ngempumelelo?

**3.** (a) Yini okwakufanele uJoshuwa ayenze ukuze enze indlela yakhe iphumelele? (b) Yini esizoyicabangela manje?

### INGABE USOLOMONI WAPHUMELELA EKUPHILENI?

4 Ngezindlela ezininingi, uSolomoni waphumelela kakhulu. Kungani? Iminyaka emininingi yokuphila kwakhe wesaba uJehova futhi wamlalela, ngakho wambusisa kakhulu. Khumbula ukuthi ngesikhathi uJehova enika uSolomoni ithuba lokwenza isicelo, le nkosi yacela ukuhlakanipha ukuze ihole isizwe. UNkulunkulu wabe esembusisa ngokuhlakanipha nangengcebo. **(*Funda eyoku-1 AmaKhosi 3:10-14.*)** Ukuhlakanipha kwakhe "kwakukukhulu kunokuhlakanipha kwabo bonke abaseMpumalanga nakho konke ukuhlakanipha kwaseGibhithe." Udumo lukaSolomoni lwafinyelela "kuzo zonke izizwe nxazonke." (1 AmaKh. 4:30, 31) Ngokuphathelene nengcebo, igolide lilodwa ayelithola unyaka ngamunye lalingamathani angu-25! (2 IziKr. 9:13) Wayenekhono ekuphatheni umbuso, kwezokwakha nakwezentengiselwano. Yebo, ngesikhathi esenza okuhle emehlweni kaNkulunkulu, uSolomoni wayephumelela.—2 IziKr. 9:22-24.

5 Lokho uSolomoni akuloba encwadini yomShumayeli kubonisa ukuthi akazange akhohliswe ukuba acabange ukuthi impumelelo nenjabulo kutholwa kuphela yilabo abacebile noma abavelele. Lutho neze. Waloba: "Sengiyazi ukuthi akukho lutho olungcono ngabo kunokuba umuntu ajabule futhi enze okuhle phakathi nokuphila kwakhe; nokuthi wonke umuntu adle futhi empeleni aphuze abone okuhle ngawo wonke umsebenzi wakhe onzima. Kuyisipho sikaNkulunkulu." (UmSh. 3:12, 13) Waqaphela ukuthi injabulo enjalo izuzisa ngempela kumuntu owamukelwa uNkulunkulu, onobuhlobo obuhle naYe. USolomoni washo kufanele: "Isiphetho sendaba, njengoba sekuzwakele konke, yilesi: Mesabe uNkulunkulu weqiniso ugcine imiyalo yakhe. Ngoba lokhu kuyiso sonke isibopho somuntu."—UmSh. 12:13.

6 USolomoni wahamba ngokwesaba uNkulunkulu iminyaka eminingi. IBhayibheli lisitshela ukuthi "waqhubeka emthanda uJehova ngokuhamba ezimisweni zikaDavide uyise." (1 AmaKh. 3:3) Ubungeke yini ubheke lokhu njengempumelelo yangempela? Eqondiswa uNkulunkulu, uSolomoni wakha ithempeli elihle ngokubabazekayo lokukhulekela kweqiniso futhi waloba izincwadi ezintathu zeBhayibheli. Nakuba singeke silindele ukwenza okufanayo, isibonelo sikaSolomoni ngesikhathi esathembekile kuNkulunkulu kufanele sisibonise indlela yokwazi ukuthi iyini impumelelo yangempela futhi lokho kungasisiza sikwazi ukuyifinyelela. Kule ndaba, khumbula ukuthi uSolomoni waphefumulelwa ukuba abhale ukuthi ingcebo, ukuhlakanipha, udumo namandla—okuyizinto abantu abaningi namuhla abazibheka njengempumelelo—kuyize. Empeleni, izinto ezinjengalezi ziwubala, 'ukulwela ukufica umoya.' Awukaze yini uphawule ukuthi abathandi bengcebo abaningi abaneliseki? Kunalokho, bahlale bekhathazekile ngalokho abanakho. Ngaphezu kwalokho, ingcebo yabo iyodlulela kwabanye ngolunye usuku. —***Funda umShumayeli 2:8-11, 17; 5:10-12.***

7 Uyazi nokuthi ngokuhamba kwesikhathi uSolomoni waphambuka enkambweni yokwethembeka nokulalela. IZwi likaNkulunkulu lithi: "Ngesikhathi sokuguga kukaSolomoni abafazi bakhe base beyichezukisile inhliziyo yakhe ukuba ilandele abanye onkulunkulu; futhi inhliziyo yakhe ayizange ibe ephelele kuJehova uNkulunkulu wakhe njengenhliziyo kaDavide uyise. . . . USolomoni waqala ukwenza okubi emehlweni kaJehova."—1 AmaKh. 11:4-6.

8 Enengwe kufanele, uJehova wathi kuSolomoni: "Ngenxa yokuthi . . . awusigcinanga isivumelwano sami nezimiso zami engazibeka njengomyalo kuwe, nakanjani

---

**4.** Kungani kungase kuthiwe uSolomoni waphumelela?

**5.** USolomoni waphetha ngokuthini ngalabo abaphumelelayo emehlweni kaNkulunkulu?

**6.** Isibonelo sikaSolomoni sisinika kuphi ukuqonda okuwusizo ekukaleni impumelelo yangempela?

**7, 8.** USolomoni wakubonisa kanjani ukungethembeki, futhi kwaba namuphi umphumela?

ngizowuhlwitha umbuso kuwe, futhi ngokuqinisekile ngizowunika inceku yakho." (1 AmaKh. 11:11) Yeka umphumela odabukisayo! Nakuba uSolomoni ayephumelele ngezindlela eziningi, ngokuhamba kwesikhathi wadumaza uJehova. USolomoni wehluleka esicini esibaluleke kunazo zonke ekuphileni—ukwethembeka kuNkulunkulu. Ngamunye kithi angazibuza, 'Ingabe ngizimisele ukuqinisekisa ukuthi isifundo engisithola esibonelweni sokuphila kukaSolomoni siyongisiza ukuba ngiphumelele?'

## UKUPHUMELELA NGEMPELA EKUPHILENI

9 Ukuphila komphostoli uPawulu kwahluka kakhulu kokweNkosi uSolomoni. UPawulu wayengahlali esihlalweni sobukhosi esenziwe ngezinyo lendlovu noma adle namakhosi. Kunalokho, ngezinye izikhathi wayebulawa indlala, ukoma, amakhaza futhi aswele nokokugqoka okwanele. (2 Kor. 11:24-27) Ngemva kokuba amukele uJesu njengoMesiya, uPawulu akabange esaba nasikhundla enkolweni yobuJuda. Kunalokho, abaholi benkolo yobuJuda bamzonda. Waboshwa, wabhaxabulwa, washaywa ngezinduku futhi wakhandwa ngamatshe. UPawulu wavuma ukuthi yena namaKristu ayekanye nawo babethukwa, beshushiswa futhi behlanjalazwa. "Siye saba njengezibi zezwe, imfucumfucu yazo zonke izinto, kuze kube manje."—1 Kor. 4:11-13.

9. Ngokwezindinganiso zezwe, ingabe uPawulu wayephumelela? Chaza.

10 Ngesikhathi umphostoli uPawulu eseyinsizwa esabizwa ngokuthi uSawulu, izinto zazibonakala zimhambela kahle. Njengoba ayezalwa emkhayeni okungenzeka wawuvelele, wafundiswa uGamaliyeli umfundisi ohloniphekile, futhi kamuva wabhala: "Ngangenza intuthuko enkulu enkolweni yobuJuda kunabaningi kontanga yami." (Gal. 1:14) Wayesazi kahle isiHebheru nesiGreki, eyisakhamuzi saseRoma, okwakumnika amalungelo akhethekile ayefiswa abaningi. Ukube wayekhethe ukuphishekela leyo mpumelelo yezwe, ngabe athola isikhundla esivelele kakhulu kanye nengcebo. Kunalokho, wakhetha inkambo eyabonakala kwabanye—mhlawumbe ngisho nakwezinye izihlobo zakhe—iwubuphukuphuku obuphindiwe. Kungani?

11 UPawulu wayethanda uJehova futhi efisa ukwamukelwa nguYe ngaphezu kwengcebo nokuvelela. Ukuzuza ulwazi olunembile lweqiniso kwasiza uPawulu wasazisa isihlengo, inkonzo yobuKristu, ithemba lokuphila ezulwini—izinto abantu abaningi abangazinaki. UPawulu waqaphela ukuthi kwakunempikiswano okwakumelwe ixazululwe. USathane wayegomele ngokuthi

10. Kungani kwakungase kubonakale sengathi uPawulu wayelahle impumelelo?

11. Iziphi izindinganiso nemigomo uPawulu ayezazisa kakhulu, futhi ngani?



Ngokwezindinganiso zabantu, uSawulu wayebonakala esendleleni yempumelelo



UPawulu waphumelela ngempela

angahlubula abantu ekukhonzeni uNkulunkulu. (Jobe 1:9-11; 2:3-5) Kungakhathaliseki izinkinga ayebhekana nazo, uPawulu wayezimisele ukwethembeka kuNkulunkulu nokukhuthazela ekukhulekeleni kweqiniso. Lowo umgomo izwe elingawucabangi nakuwucabanga endabeni yokuphumelela.

12 Ingabe uzimisele ukwenza njengoPawulu? Nakuba ukuphila kokwethembeka kungelula ngaso sonke isikhathi, siyazi ukuthi kuletha isibusiso sikaJehova nokwamukelwa nguYe, futhi yilokho okwenza umuntu aphumelele ngempela. (IzAga 10:22) Siyazuza manje, futhi ngokuqinisekile singalindela ukuthola izibusiso esikhathini esizayo. **(*Funda uMarku 10:29, 30.*)** Khona-ke, sinesizathu sokubeka ithemba lethu, hhayi "engcebweni engaqinisekile kodwa kuNkulunkulu, osinika zonke izinto ngokucebile ukuze sizijabulele." 'Sizibekelela ngokulondekile isisekelo esihle sesikhathi esizayo, ukuze sibambisise ukuphila kwangempela.' (1 Thim. 6:17-19) Yebo, singaqiniseka ngokuphelele ukuthi eminyakeni eyikhulu kusukela manje, noma eyinkulungwane ngisho nangaphezulu siyokwazi ukubheka emuva sithi, "Ngakhetha inkambo yempumelelo yangempela!"

## LAPHO INGCEBO YAKHO IKHONA

13 Nakhu uJesu akusho ngengcebo: "Yekani ukuzibekelela ingcebo emhlabeni, lapho inundu nokugqwala kudla khona, nalapho amasela egqekeza khona ebe. Kunalokho, zibekeleleni ingcebo ezulwini, lapho kungoni nundu nakugqwala khona, nalapho amasela engagqekezi khona ebe. Ngoba lapho umcebo wakho ukhona, yilapho nenhliziyo yakho iyoba khona futhi." —Math. 6:19-21.

14 Ingcebo yomuntu yasemhlabeni ingase ingabi imali kuphela. Ingahlanganisa noma yiziphi izinto uSolomoni aloba ngazo ezibonakala ziyimpumelelo emehlweni abantu—isikhundla, udumo noma amandla. UJesu waveza iphuzu elifana nalelo elashiwo uSolomoni encwadini yomShumayeli—ingcebo yezwe iyadlula. Njengoba kungenzeka ukuthi ukubonile lokhu ezweni elikuzungezile, ingcebo enjalo iyashabalala futhi ingakulahlekela kalula. UProfesa F. Dale Bruner usho lokhu mayelana nengcebo: "Kuyaziwa ukuthi udumo luyinto edlulayo. Umuntu obeyiqhawe ngoMgqibelo odlule usuke esephuphile ngozayo. Umuntu ophumelelayo ngokwezimali kulo nyaka ucwila esikweletwini ngonyaka ozayo. . . . [UJesu] uyabathanda abantu. Ubanxusa ukuba bangazibangeli ukudumazeka okungenakugwenywa okubangelwa udumo oluphela ngokushesha. Luyashabalala. UJesu akafuni ukuba abafundi [bakhe] badumazeke. 'Nsuku zonke leli zwe limvukela esiswini umuntu ebelimdumisa.' " Nakuba abantu abaningi bengavumelana nala mazwi, kodwa bangaki abavu-

**12.** Kungani uye wakhetha ukubeka ithemba lakho kuNkulunkulu?

**13.** Isiphi iseluleko uJesu asinikeza ngokuphathelene nokuzibekelela ingcebo?

**14.** Kungani kungahlakaniphile ukufuna ingcebo yasemhlabeni?

mela iqiniso elikuwo lishintshe indlela abaphila ngayo? Kuthiwani ngawe?

15 Abanye abaholi benkolo baye bashumayela ukuthi akulungile ukuphishekela impumelelo futhi bathi kufanele kuyekwe ukuzama ukufinyelela impumelelo. Nokho, phawula ukuthi uJesu wayengayilahli yonke imizamo enjalo. Kunalokho, wayenxusa abafundi bakhe ukuba *baqondise* imizamo yabo kwenye indawo, ebayala ukuba bazibekelele "ingcebo" engashabalali "ezulwini." Isifiso sethu esikhulu kufanele kube ukuphishekela ukuba sibe abaphumelelayo phambi kukaJehova. Yebo, amazwi kaJesu asikhumbuza ukuthi sinelungelo lokukhetha lokho esifuna ukukuphishekela. Nokho, iqiniso liwukuthi siyophishekela lokho okusenhliziyweni yethu, lokho okubalulekile kithi.

16 Uma kusenhliziyweni yethu ukujabulisa uJehova, singamethemba ukuthi uyoqinisekisa ukuthi siyazithola izinto esizidingayo. Angase avumele ukuba silambe noma some okwesikhashana, njengoba kwaba njalo ngomphostoli uPawulu. (1 Kor. 4:11) Noma kunjalo, singasethemba ngokugcwele iseluleko sikaJesu esihlakaniphile: "Ningalokothi nikhathazeke nithi, 'Sizodlani?' noma, 'Sizophuzani?' noma, 'Sizogqokani?' Ngoba konke lokhu kuyizinto izizwe eziziphishekela ngokulangazela. UYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyazidinga zonke lezi zinto. Ngakho, qhubekani nifuna kuqala umbuso nokulunga kwakhe, khona-ke zonke lezi ezinye izinto niyozenezelelwa."—Math. 6:31-33.

## PHUMELELA EMEHLWENI KANKULUNKULU

17 Nanti iphuzu eliyisihluthulelo: Ukuphumelela kwethu ngempela akuncikile ezintweni esizifinyelele noma esikhundleni esinaso emehlweni abantu. Ngaphezu kwalokho, impumelelo yangempela ayilinganiswa ngelungelo lenkonzo esilijabulelayo elungiselelweni lobuKristu. Nokho, isibusiso esinjalo singahlotshaniswa nalokho okuyisisekelo sangempela sempumelelo, ukulalela nokwethembeka kwethu kuNkulunkulu, osiqinisekisayo: "Okufunekayo kubaphathi ukuba umuntu atholakale ethembekile." (1 Kor. 4:2) Kufanele sikhuthazele ekubeni abathembekile. UJesu wathi: "Lowo okhuthazele kwaze kwaba sekupheleni nguye oyosindiswa." (Math. 10:22) Awuvumi yini ukuthi ukusindiswa kuwubufakazi obungenakuphikwa bempumelelo?

18 Uma ucabanga ngalokhu okungenhla, ungabona ukuthi ukwethembeka kuNkulunkulu akuhlobene nokuvelela, imfundo, imali noma isikhundla emphakathini; futhi akuncikile ekuhlakanipheni, eziphiweni onazo noma emakhonweni. Kunoma yisiphi isimo esingazithola sikuso, singathembeka kuNkulunkulu. Phakathi kwabantu bakaNkulunkulu bangekhulu lokuqala, kwakukhona abacebile nabampofu. Kwabacebile, sasifaneleka isiyalo sikaPawulu sokuba "benze okuhle, bacebe emisebenzini emihle, babe nesandla esivulekile, belungele ukwabelana izinto nabanye." Abacebile nabampofu 'babengakubambisisa ukuphila kwangempela.' (1 Thim. 6:17-19) Kusenjalo nanamuhla. Sonke sinamathuba afanayo nomthwalo ofanayo wemfanelo: Kumelwe sihlale sithembekile futhi 'sicebe emisebenzini emihle.' Uma senza kanjalo, siyophumelela emehlweni oMdali wethu futhi sithole injabulo yokwazi ukuthi siyamjabulisa.—IzAga 27:11.

19 Ungase ungakwazi ukuzilawula zonke izimo zakho, kodwa ungayilawula indlela ozisingatha ngayo. Lwela ukwethembeka ngaphansi kwanoma yiziphi izimo. Ngeke uzisole. Methembe uJehova ukuthi uyokubusisa ngokucebile—manje naphakade. Ungalokothi ukhohlwe amazwi kaJesu aqondiswe kumaKristu agcotshiwe: "Zibonakalise uthembekile kuze kube ngisho nasekufeni, khona-ke ngiyokunika umqhele wokuphila." (IsAm. 2:10) Yileyo-ke impumelelo yangempela!

---

**15.** Uhlobo olunjani lwempumelelo okufanele siluphishekele?

**16.** Yini esingayethemba ngokugcwele?

**17, 18.** (a) Impumelelo yangempela incike kuphi? (b) Yikuphi impumelelo engancikile kukho?

**19.** Ngokuphathelene nempumelelo, yini ozimisele ukuyenza?



*"Anibona abenu."*
—1 KOR. 6:19.

**UNGAPHENDULA KANJANI?**

Yayiyini indima yabaphathi basendulo?

Imiphi imithwalo yemfanelo bonke abaphathi bakaNkulunkulu abanayo?

Kufanele silibheke kanjani ilungelo esilinikiwe lokuba abaphathi?

# UNGUMPHATHI OTHENJWAYO!

EMINYAKENI engaba ngu-2 500 edlule, umbhali ongumGreki wemidlalo yaseshashalazini wabhala: "Akekho othwala ijoka lobugqila ngokuzithandela." Abaningi namuhla bangavumelana ngokushesha naleyo nkulumo. Uma kukhulunywa ngobugqila, ezingqondweni zabantu kufika imifanekiso yabantu abacindezelwayo nabagqilazwayo, abamsebenzi nokuzidela kwabo kungazuzisi bona kodwa abanikazi babo nalabo abababusayo.

2 Noma kunjalo, uJesu wabonisa ukuthi abafundi bakhe babeyoba izinceku ezithobekile noma izigqila. Nokho, lobu bugqila obuhlelela amaKristu eqiniso akubona obucindezelayo noma obenza umuntu azizwe ephansi. Lezi zigqila zijabulela isikhundla esiphakeme, ukwethenjwa nokuhlonishwa. Ngokwesibonelo, cabanga ngamazwi uJesu awasho ngesigqila noma "inceku" enjalo ngaphambi nje kokufa kwakhe. UKristu wabikezela ukuthi wayeyonika "inceku ethembekileyo neqondayo" imisebenzi okumelwe iyenze.—Math. 24:45-47.

3 Kuyathakazelisa ukuthi kokunye ukulandisa okufanayo, leyo nceku ibizwa ngokuthi "umphathi." **(*Funda uLuka 12:42-44.*)** AmaKristu amaningi athembekile aphila manje awawona amalungu aleso sigaba somphathi othembekile. Nokho, imiBhalo ibonisa ukuthi bonke abakhonza uNkulunkulu banikezwe ilungelo lokuba abaphathi. Imiphi imithwalo yemfanelo ehilelekile? Kufanele ibhekwe kanjani? Ukuze sithole impendulo, ake sihlole indima yabaphathi ezikhathini zasendulo.

## INDIMA YABAPHATHI

4 Ezikhathini zasendulo, umphathi kwakuvame uku-

**1.** Ngokuvamile, imuphi umbono izwe elinawo ngokuzibusa?

**2, 3.** (a) Isiphi isikhundla izigqila noma izinceku zikaKristu ezisijabulelayo? (b) Imiphi imibuzo ephathelene nobuphathi esizoyicabangela?

**4, 5.** Imiphi imithwalo yemfanelo abaphathi basendulo ababenayo? Nikeza izibonelo.

ba kube inceku ethenjwayo eyabelwa ukuqondisa imisebenzi yasendlini noma izindaba zezimali zenkosi yayo. Ngokuvamile, abaphathi babenegunya elikhulu futhi bephathiswa ukusingatha izinto zasendlini, imali nezinye izinceku. Singakubona lokhu endabeni ka-Eliyezeri, owayephathiswe ukuba anakekele impahla eningi ka-Abrahama. Kungenzeka ukuthi uyena u-Eliyezeri u-Abrahama amthuma ukuba aye eMesophothamiya ayofunela indodana yakhe u-Isaka umfazi. Yeka ukuthi lesi kwakuyisabelo esibaluleke nesasiyoba nemiphumela yesikhathi eside kangakanani!—Gen. 13:2; 15:2; 24: 2-4.

5 Indodana yomzukulu ka-Abrahama uJosefa yaphathiswa indlu kaPotifari. (Gen. 39:1, 2) Ngokuhamba kwesikhathi, uJosefa naye waba nowakhe umphathi, 'owengamela indlu kaJosefa.' Lowo mphathi wahlela ukunakekelwa kwabafowabo bakaJosefa abayishumi. Eyalwe uJosefa, wahlela nendaba 'yokwebiwa' kwendebe yesiliva. Kusobala ukuthi izikhundla zabaphathi zazihlanganisa nokwethenjwa okukhulu.—Gen. 43:19-25; 44:1-12.

6 Emakhulwini eminyaka kamuva, umphostoli uPawulu wabhala ukuthi ababonisi abangamaKristu kwakumelwe babe 'abaphathi bakaNkulunkulu.' (Thithu 1:7) Njengoba bemiswe ukuba beluse "umhlambi kaNkulunkulu," ababonisi bayaqondisa futhi bahole emabandleni. (1 Pet. 5:1, 2) Yebo, imithwalo yabo iyehlukahluka. Ngokwesibonelo, ababonisi abaningi namuhla bakhonza ibandla elilodwa. Ababonisi abajikelezayo bakhonza amabandla amaningi. Amalungu eKomiti Yegatsha anakekela amabandla ezwe lonke. Noma kunjalo, bonke kulindeleke ukuba bafeze imisebenzi yabo ngokwethembeka; bonke kumelwe 'balandise' kuNkulunkulu.—Heb. 13:17.

7 Nokho, kuthiwani ngamaKristu amaningi aqotho angebona ababonisi? Umphostoli uPetru wabhalela wonke amaKristu incwadi ethi: "Ngokwesilinganiso ngamunye amukele ngaso isipho, sisebenziseni ekukhonzaneni njengabaphathi abahle bomusa ongafanelwe kaNkulunkulu obonakaliswe ngezindlela ezihlukahlukene." (1 Pet. 1:1; 4:10) UNkulunkulu ngomusa wakhe ongafanelwe uye wasinika sonke izipho, izinto eziphathekayo, amakhono noma amathalente esingawasebenzisa ngenjongo yokuzuzisa esikholwa nabo. Ngenxa yalokho, bonke abakhonza uNkulunkulu bangabaphathi, futhi lobo buphathi babo buhambisana nodumo, ukwethenjwa nomthwalo wemfanelo.

### SINGABAKANKULUNKULU

8 Manje sizogxila ezimisweni ezintathu thina njengabaphathi okudingeka sizicabangele. Esokuqala: *Sonke singabakaNkulunkulu futhi siyolandisa kuye.* UPawulu wabhala: "Anibona abenu, ngoba nathengwa ngentengo," igazi lomhlatshelo kaKristu. (1 Kor. 6:19, 20) Njengoba singabakaJehova, sibophekile ukuba silalele imiyalo yakhe, engewona nokho umthwalo. (Roma 14:8; 1 Joh. 5:3) Siphinde sibe izigqila zikaKristu. Njengabaphathi basendulo, sinikezwe inkululeko eningi—kodwa inkululeko yethu ilinganiselwe. Kumelwe sisingathe imithwalo yethu yemfanelo ngendlela esiyalwe ngayo. Kungakhathaliseki ukuthi sijabulela maphi amalungelo enkonzo, siseyizinceku zikaNkulunkulu noKristu.

9 UJesu usisiza ukuba siqonde ubuhlobo obuphakathi kwenkosi nenceku yayo. Wake wakhuluma nabafundi bakhe ngenceku ebuya ekhaya ngemva kokusebenza usuku lonke. Iyasho yini inkosi yayo uku-

---

**6.** Ibuphi ubuphathi obuphathiswe ababonisi abangamaKristu abahlukahlukene?

**7.** Sazi kanjani ukuthi ngomqondo othile wonke amaKristu angabaphathi?

**8.** Isiphi isimiso esibalulekile okudingeka sisikhumbule?

**9.** UJesu wabucacisa kanjani ubuhlobo obuphakathi kwenceku nenkosi yayo?

thi: "Woza lapha khona manje uhlale etafuleni"? Cha. Ithi: "Lungisa okuthile ukuze ngidle isidlo sami sakusihlwa, ufake iphinifa ungikhonze ngize ngiqede ukudla nokuphuza, kamuva nawe ungadla uphuze." UJesu wathi lo mfanekiso usebenza kanjani? Wathi: "Kanjalo nani, lapho nenze zonke izinto enabelwe zona, anothi, 'Siyizinceku ezingelusizo lwalutho. Lokho esikwenzile yilokho obekufanele sikwenze.' " —Luka 17:7-10.

**10** Nokho-ke uJehova uyayazisa imizamo yethu yokumkhonza. IBhayibheli liyasiqinisekisa: "UNkulunkulu akayena ongalungile ukuba akhohlwe umsebenzi wenu nothando enalubonisa kulo igama lakhe." (Heb. 6:10) UJehova akalokothi afune kithi izinto esingenakuzifinyelela. Ngaphezu kwalokho, noma yini ayifuna kithi izuzisa thina futhi ayikaze ibe umthwalo ongenasidingo osindayo. Noma kunjalo, ngokuvumelana nomfanekiso kaJesu, inceku ayizithokozisi yona, ibeke izithakazelo zayo kuqala. Iphuzu liwukuthi, lapho sizinikezela kuNkulunkulu, sikhetha ukubeka izithakazelo zakhe kuqala ekuphileni kwethu, akunjalo?

### LOKHO UJEHOVA AKUFUNA KITHI SONKE

**11** Isimiso sesibili yilesi: *Njengabaphathi, sonke sinamathela ezindinganisweni ezifanayo eziyinhloko.* Yiqiniso, eminye imithwalo yemfanelo iphathiswe abambalwa ebandleni lobuKristu. Nokho, eminingi iyefana kithi sonke. Ngokwesibonelo, njengabafundi bakaKristu nanjengoFakazi BakaJehova, siyalwa ukuba sithandane. UJesu wathi uthando luwuphawu olubonakalisa amaKristu eqiniso. (Joh. 13:35) Nokho, asilubonisi kubafowethu abangokomoya kuphela. Silwela nokulubonisa nakulabo abangahlobene nathi okholweni. Lokhu kuyinto sonke esingayenza futhi okufanele siyenze.

**12** Kulindeleke nokuba siziphathe kahle. Sifuna ukugwema ukuziphatha nemikhuba elahlwa iZwi likaNkulunkulu. UPawulu wabhala: "Izifebe, noma abakhonza izithombe, iziphingi, amadoda agcinelwe izinjongo ezingezona ezemvelo, amadoda alala namadoda, amasela, abantu abahahayo, izidakwa, izithuki, noma abaphangi ngeke balizuze ifa lombuso kaNkulunkulu." (1 Kor. 6:9, 10) Kuyavunywa ukuthi kudinga umzamo ukuphila ngokuvumelana nezindinganiso zikaNkulunkulu zokulunga. Nokho, asizisoli ngokwenza umzamo onjalo, osilethela izinzuzo eziningi, ezihlanganisa nendlela yokuphila esenza sibe nempilo engcono, ubuhlobo obuhle nabanye futhi samukelwe uNkulunkulu.—***Funda u-Isaya 48:17, 18.***

**13** Khumbula nokuthi umphathi unomsebenzi okufanele awenze. Nathi sinawo. Sinikezwe isipho esiyigugu—ulwazi lweqiniso. UNkulunkulu ulindele ukuba siludlulisele nakwabanye lolu lwazi. (Math. 28:19, 20) UPawulu wabhala: "Umuntu makasahlulele njengabangaphansi kukaKristu *nabaphathi bezimfihlo ezingcwele* zikaNkulunkulu." (1 Kor. 4:1) UPawulu waqaphela ukuthi lobu buphathi babudinga ukuba anakekele ngokucophelela 'izimfihlo ezingcwele' futhi azidlulisele ngokwethembeka kwabanye njengoba kwayala iNkosi, uJesu Kristu.—1 Kor. 9:16.

**14** Empeleni ukuxoxa nabanye ngeqiniso kuyisenzo sothando. Yebo, izimo zomKristu ngamunye ziyehluka. Ngeke wonke enze okulinganayo enkonzweni. UJehova uyakuqonda lokho. Okubalulekile ukuba umuntu ngamunye enze *konke* angakwenza. Ngaleyo ndlela siyobe sibonisa uthando olungenabugovu ngoNkulunkulu nangomakhelwane.

---

**10.** Yini ebonisa ukuthi uJehova uyayazisa imizamo yethu yokumkhonza?

**11, 12.** Njengabaphathi, iyiphi imfanelo okumelwe siyibonakalise, futhi yini okumelwe siyigweme?

**13, 14.** Imuphi umthwalo wemfanelo onikezwe wonke amaKristu, futhi kufanele siwubheke kanjani?



Masikwenze ngokwethembeka lokho esabelwe ukuba sikwenze

### UKUBALULEKA KOKWETHEMBEKA

15 Isimiso sesithathu esihlobene kakhulu nalezi ezimbili esikhulume ngazo, yilesi: *Kumelwe sethembeke, sibe abantu abanokwethenjelwa.* Umphathi angase abe nezimfanelo eziningi ezinhle namakhono, kodwa ngeke kusho lutho konke lokhu uma engayifezi kahle imithwalo yakhe noma engathembekile enkosini yakhe. Ukwethembeka kubalulekile ukuze sibe abaphathi abawusizo nabaphumelelayo. Khumbula ukuthi uPawulu wabhala: "Okufunekayo kubaphathi ukuba umuntu atholakale ethembekile."—1 Kor. 4:2.

16 Uma sethembekile, siyovuzwa; akukho kungabaza ngalokho. Uma singathembekile, siyolahlekelwa. Lesi simiso sisibona emfanekisweni kaJesu wamathalenta. Izinceku 'ezahweba' ngemali yenkosi yazo zanconywa futhi zabusiswa kakhulu. Inceku engazange yenze okwakufanele ikwenze ngalokho inkosi yayo eyayiyiphathise kona yahlulelwa 'njengembi, evilaphayo nengenalusizo lwalutho.' Yaphucwa ithalenta eyayiliphathisiwe, yabe isiphonswa ngaphandle.—***Funda uMathewu 25:14-18, 23, 26, 28-30.***

17 Ngesinye isikhathi, uJesu wachaza imiphumela yokungathembeki. Wathi: "Umuntu othile wayecebile futhi enomphathi, lo wamangalelwa kuye ngokusaphaza impahla yakhe. Ngakho wambiza wathi kuye, 'Yini le engiyizwayo ngawe? Buyisa izincwadi zobuphathi bakho, ngoba awusenakuqhubeka uphatha indlu.'" (Luka 16:1, 2) Ngenxa yokuthi lo mphathi wayesaphaze impahla yenkosi yakhe, inkosi yakhe yamxosha. Yeka isifundo esinamandla! Ngokuqinisekile, asifuni neze ukuba abangathembekile kulokho esicelwe ukuba sikwenze.

---

**15-17.** (a) Kungani kubalulekile ukuba umphathi abe othembekile? (b) UJesu wayifanekisa kanjani imiphumela yokungathembeki?

## INGABE KUWUKUHLAKANIPHA UKUZIQHATHANISA NABANYE?

18 Ngamunye kithi angazibuza, 'Ngikubheka kanjani ukuba kwami umphathi? Izinkinga zingase ziphakame lapho siziqhathanisa nabanye. IBhayibheli liyaseluleka: "Yilowo nalowo makahlole umsebenzi wakhe siqu, khona-ke uyoba nesizathu sokwethaba ngokuqondene naye yedwa, hhayi ngokuziqhathanisa nomunye umuntu." (Gal. 6:4) Kunokuqhathanisa lokho esikwenzayo nalokho okwenziwa abanye, kufanele sigxile kulokho thina ngabanye esikwazi ukukwenza. Lokhu kuyosivikela ekuzikhukhumezeni ngokuqhosha nasekudumazekeni. Lapho sihlola inkonzo yethu, kufanele siqaphele ukuthi izimo ziyashintsha. Mhlawumbe ngenxa yempilo engenhle, ubudala noma imithwalo yemfanelo ehlukahlukene, asisakwazi ukwenza konke esasikwenza. Ngakolunye uhlangothi, singase sikwazi ukwenza okungaphezu kwalokho esikwenzayo njengamanje. Uma kunjalo, kungani singazami ukwandisa inkonzo yethu?

19 Esinye isici okufanele sisicabangele ukuthi imiphi imithwalo yemfanelo esinayo noma esifisa ukuba nayo. Ngokwesibonelo, umzalwane angase afise ukukhonza njengomdala ebandleni noma ukunikezwa izinkulumo emhlanganweni wesifunda noma wesigodi. Kuhle ukuzikhandla ukuze ufanelekele lawo malungelo, noma kunjalo, akufanele sidumale uma singawatholi ngesikhathi ebesilindele ukuwathola ngaso. Ngenxa yezizathu esingase singaziqondi ngokushesha, amanye amalungelo singase siwathole ngemva kwesikhathi eside kakhulu kunaleso ebesisilindele. Khumbula ukuthi uMose wayebonakala ekulungele ukuhola ama-Israyeli awakhiphe eGibhithe, kodwa kwadingeka alinde iminyaka engu-40 ngaphambi kokwenza kanjalo. Lokhu kwamnikeza isikhathi esanele sokuhlakulela izimfanelo ayezidinga ukuze ahole isizwe esasilukhuni nesasivukela.—IzE. 7:22-25, 30-34.

20 Ngezinye izikhathi singase singalitholi nhlobo ilungelo elithile. Kwaba njalo ngoJonathani. Wayeyindodana kaSawule futhi ngenxa yalokho esohlwini lokuba inkosi phezu kuka-Israyeli. Nokho, uNkulunkulu wakhetha uDavide, insizwa eyayisencane kakhulu kunaye, ukuba abe inkosi. Wasabela kanjani uJonathani lapho kwenzeka lokho? Wakwamukela futhi wasekela uDavide ngisho noma lokho kwakufaka ukuphila kwakhe engozini. Wathi kuDavide: "Wena ngokwakho uzoba yinkosi phezu kuka-Israyeli, mina ngokwami ngibe ngowesibili ukusuka kuwe." (1 Sam. 23:17) Uyalithola iphuzu? UJonathani wasamukela isimo sakhe, futhi ngokungafani noyise, akazange abe nomhawu ngoDavide. Kunokuba nomona ngezabelo mhlawumbe ezinikwe abanye, sonke singagxila ekunakekeleni imithwalo yemfanelo esinayo. Singaqiniseka ukuthi ezweni elisha, uJehova uyoqinisekisa ukuthi izifiso ezifanele zazo zonke izinceku zakhe ziyaneliswa.

21 Masikhumbule ukuthi njengabaphathi abathenjwayo, asibhekene nobugqila obubuhlungu obuhambisana nokucindezelwa nezinyembezi. Izimo zethu zihluke kakhulu kunalezo. Sinesikhundla esiphakeme kakhulu, njengoba siphathiswe umsebenzi ongasoze waphindwa wokumemezela izindaba ezinhle kulezi zinsuku zokugcina zalesi simiso sezinto. Njengoba senza lo msebenzi, sinikezwe inkululeko enkulu mayelana nokuthi sizowusingatha kanjani lo mthwalo esiwuphathisiwe. Ngakho-ke, masibe abaphathi abathembekile. Kwangathi futhi singalazisa ilungelo esinalo lokukhonza Lowo omkhulu kunabo bonke endaweni yonke.

---

**18.** Kungani kungafanele siziqhathanise nabanye?

**19.** Uma singalitholi ilungelo elithile, kungani kungafanele sidumale?

**20.** Isiphi isifundo esingasithola kulokho okwenzeka kuJonathani?

**21.** Kufanele sikubheke kanjani ukuba kwethu abaphathi?

*Ngaphambi kokuba sazi iqiniso, mina nomkami savuma ukuba akhulele ngosizo lwenqubo okuthiwa i-"in vitro fertilization"* (*ukuvundiswa kweqanda elikhishwe kowesifazane okwenziwa egunjini lokucwaninga lasesibhedlela*) *ngoba sasifisa ukuba nomntwana. Awasetshenziswanga wonke amaqanda avundiswa* (*imibungu*)*; amanye awo omiswa ngesiqandisi ayeselondolozwa. Ingabe kumelwe alondolozwe noma kulungile ukuba alahlwe?*

■ Lena enye yezindaba ezilukhuni eziphathelene nezimiso zokuziphatha imibhangqwana ebhekana nazo uma ivuma ukusebenzisa i-*in vitro fertilization* (IVF). Umbhangqwana ngamunye unesibopho phambi kukaJehova sokunquma ozokwenza. Nokho, kungase kusize ukukucabangela kafushane lokho okuhilelekile kulobu buchwepheshe bokusiza owesifazane akhulelwe.

Ngo-1978 owesifazane othile waseNgilandi waba ngowokuqala ukubeletha ingane ngosizo lwe-IVF. Wayengakwazi ukukhulelwa ngoba amashubhu esibeletho sakhe ayevalekile, engavumeli ukuba isidoda neqanda kuhlangane. Abezokwelapha bamhlinza babe sebethatha iqanda elase likhule ngokwanele, balifaka esitsheni sengilazi, balivundisa ngesidoda somyeni wakhe. Umbungu owakheka wafakwa kumakhemikhali anomsoco ukuze ukhule ngemva kwalokho wabe usufakwa esibelethweni sakhe, futhi wakhulela kuso. Ngesikhathi esifanele wabeletha intombazane. Le nqubo nezinye izinhlobo zayo ezihlukahlukene, zaqala ukwaziwa ngokuthi i-*in vitro fertilization* noma i-IVF, okungukuthi, ukuvundiselwa kweqanda ebhodleleni.

Nakuba imininingwane ingase ihluke emazweni ngamazwe, ngokuvamile i-IVF ihilela lokhu: Kusasele amasonto amaningi owesifazane unikezwa imithi eyenza ukuba izindlala zamaqanda zikhiqize amaqanda amaningi. Umyeni angase acelwe ukuba ashaye indlwabu ukuze akwazi ukukhipha isidoda esisha. Amaqanda alumbaniswa nesidoda esihlanziwe egunjini lokucwaninga esibhedlela. Kungase kuvundiswe amaqanda amaningi futhi aqale ukukhula, abe imibungu. Ngemva kwesikhathi esingaba usuku, le mibungu esanda kwakheka ihlolwa ngokucophelela ukuze kuhlukaniswe engakhekile kahle kuleyo ebonakala iphile kahle nokungenzeka ikhule lapho ifakwa esibelethweni. Cishe ngosuku lwesithathu, ibe isifakwa esibelethweni senkosikazi, kodwa ngokuvamile akufakwa umbungu owodwa kuphela kepha emibili noma emithathu ukuze kwandiswe amathuba okukhulelwa. Uma kutshaleka umbungu owodwa noma engaphezulu, usuke esekhulelwe futhi kungalindelwa ukuba ngesikhathi esifanele abelethe.



AmaKristu abhekene nalesi sinqumo anomthwalo wemfanelo phambi kukaNkulunkulu wokusebenzisa unembeza wawo oqeqeshwe ngeBhayibheli

Kodwa kuthiwani ngemibungu engazange isetshenziswe, kuhlanganise naleyo ebonakala ingaphilile kahle noma ingakhekile kahle? Uma iyekwa, ngeke iphile isikhathi eside ingaphandle kwesibeletho. Ukuvimbela lokho, leyo mibungu ingase iqandiswe ngoketshezi lwe-*nitrogen.* Kungani? Ukuze kuthi uma umbungu wokuqala ungakhuli, kuthathwe omunye umbungu kwegciniwe futhi kube nezindleko eziphansi. Nokho, lokhu kuphakamisa izimpikiswano ngokuphathelene nezimiso zokuziphatha. Njengoba kunjalo ngombhangqwana obuze umbuzo ongenhla, kunzima ngabaningi ukunquma ukuthi benzeni ngemibungu yabo eqandisiwe. Kungenzeka abasazifuni ezinye izingane. Kungenzeka ukuthi iminyaka yobudala noma izimo zezimali azisavumi ukuba baphinde bazame ukuthola enye ingane. Kungenzeka besabe izingozi ezihambisana nokukhulelwa izingane eziningi ngasikhathi sinye.* Kanti ukushona komngane womshado noma ukuba semshadweni wesibili kungabangela izinkinga. Yebo, ziningi izinto ezibangela ukukhathazeka, futhi ngenxa yalokho eminye imibhangqwana iyaqhubeka ikhokha imali yokugcina le mibungu iminyaka eminingi.

Ngo-2008, isazi esiyinhloko sesayensi yemibungu nokukhula kwayo saphawula kuyi-*New York Times* ukuthi akuve kunzima ngabazali abaningi ukunquma ukuthi kwenziweni ngemibungu engasetshenzisiwe. Isihloko sathi: "Kunemibungu okungenani engu-400 000 eqandisiwe egcinwe emitholampilo yakulo lonke leli zwe, kanti kunezelwa eminye usuku nosuku . . . Imibungu ingaqhubeka iphila iminyaka eyishumi noma ngaphezulu uma iqandiswe kahle kodwa *akuyona yonke eqhubeka iphila lapho incibilikiswa."* (Omalukeke sizenzele.) Leli qiniso elishiwo lapha lenza amanye amaKristu acabangisise ngempela ngalolu daba. Kungani?

Imibhangqwana engamaKristu ebhekene nezinkinga ezibangelwa yinqubo ye-IVF, ingase icabangisise nangesinye isimo sezempilo esiye siphakame.

* Kuthiwani uma ingane ekhulayo esibelethweni ibonakala inokukhubazeka okuthile, noma uma kwenzeka kukhula izingane ezingaphezu kweyodwa? Ukukunqamula ngamabomu ukukhulelwa kungaba ukukhipha isisu. Lapho umuntu esebenzisa le ndlela yokusizwa ekukhuleleni kuvamile ukuba akhulelwe ingane engaphezu kweyodwa (amawele, ezintathu, noma ngaphezulu), okwandisa ingozi yokubeletha ngaphambi kwesikhathi noma yokopha kakhulu. Owesifazane okhulelwa izingane eziningi angase anxuswe ukuba acabangele "ukukhetha ukunciphisa," avume ukuba kubulawe eyodwa noma ezingaphezulu. Lokho kungaba ukukhipha isisu ngamabomu, okuyinto efana nokubulala.—Eks. 21:22, 23; IHu. 139:16.

## EZINYE IZINHLOBO ZE-IVF

Ukusungulwa kwenqubo yokusiza ekukhuleleni, i-IVF, kwavulela nezinye izinqubo ezingqubuzana ngokuqondile nokucabanga kukaNkulunkulu njengoba kuboniswa emiBhalweni. Ngokwesibonelo, amaqanda owesifazane angase avundiswe ngesidoda senye indoda engeyena umyeni wakhe. Owesifazane angase avumele ukuba imibungu eyakhekile itshalwe kuye. (Imibhangqwana yongqingili besifazane ngezinye izikhathi isebenzisa le nqubo.) Noma kungase kuhlanganiswe isidoda somyeni namaqanda akhishwe komunye owesifazane ongeyena umkakhe. Indoda ingase ivume ukuba imibungu eyakhekile itshalwe kumkayo.

Kwenye indlela ehlukile, abanye abayibiza ngokuthi *"embryo adoption"* (ukusetshenziswa kombungu wokutholwa), imibungu efakwa esibelethweni somfazi isuke yakhiwe ngamaqanda angewona awakhe nesidoda esingesona esomyeni wakhe. Kwenye futhi inqubo, amaqanda akhishwe enkosikazini avundiswa ngaphandle kwesibeletho ngesidoda somyeni wakhe. Imibungu eyakhekile ibe isitshalwa esibelethweni sowesifazane ovume ukubazalela yona.*

Lezo zinqubo zokuthola abantwana azamukeleki ezincekwini zikaNkulunkulu ngenxa yokuhlonipha lesi siqondiso sakhe: "Akumelwe unike umkamhlobo wakho isidoda sakho ukuze uzingcolise ngalokho." (Lev. 18:20, 29; IzAga 6:29) Lapho ukuvundiswa kweqanda kuhilela amaqanda noma isidoda (noma kokubili) okuvela komunye umuntu ongaphandle kwesibopho somshado, lokhu kufana nalokho iBhayibheli elikubiza ngokuthi i-*porneʹa*, ukuziphatha kabi ngokobulili. Lezo zinqubo ziwukuzisebenzisa kabi kakhulu izitho zobulili.—Math. 5:32; 1 Kor. 5:11; 6: 9, 18; Heb. 13:4.

* I-*Phaphama!* ka-March 8, 1993, amakhasi 26-27, inengxoxo ephelele ngokuba umama ngokwesivumelwano.

UmKristu kungase kudingeke ukuba anqume ukuthi kwenziweni ngomuntu amthandayo osegulela ukufa futhi osephila ngomshini, njengomshini wokuphefumula. AmaKristu eqiniso amelene nokunganakwa kwempilo; ngokuvumelana no-Eksodusi 20:13 neHubo 36:9, akwazisa kakhulu ukuphila. I-*Phaphama!* ka-May 8, 1974 yesiNgisi, yathi: "Ngenxa yokuthi bahlonipha umbono kaNkulunkulu ngobungcwele bokuphila, becabangela onembeza babo futhi belalela imithetho kahulumeni, labo abafisa ukuvumelanisa ukuphila kwabo nezindinganiso zeBhayibheli abasoze baphendukela enqubweni yokuqedela isiguli," okuyisenzo esiqondile sokunqamula ukuphila kwesiguli. Nokho, kwezinye izimo ukuphila kothandekayo kusuke sekusekelwe kuphela imishini yobuchwepheshe. Amalungu omkhaya kumelwe anqume ukuthi kuqhutshekwe yini nokusekela ukuphila kwakhe ngaleyo ndlela noma cha.

Yiqiniso, lesi simo asifani nesombhangqwana owasebenzisa i-IVF futhi manje osunemibungu egciniwe. Enye yezinto ongase ucelwe ukuba ucabangele ukuyenza ukuba ikhishwe leyo mibungu oketshezini oluqandisayo lwe-*nitrogen,* ukuze incibilike. Uma ingaphandle kwaleso siqandisi, leyo mibungu iyowohloka masinyane igcine ngokufa. Umbhangqwana kumelwe unqume ukuthi uzokuvumela yini lokho.—Gal. 6:7.

Ngenxa yokuthi umbhangqwana uye wavuma ukusebenzisa i-IVF ngethemba lokuthola ingane, ungase ukhethe ukubhekana nezindleko zokugcina imibungu eqandisiwe noma ukubuye uyisebenzise. Nokho, omunye umbhangqwana ungase unqume ukuyeka ukukhokhela imibungu eqandisiwe, uyibheke njengephila ngemishini. AmaKristu abhekene nalesi sinqumo anomthwalo wemfanelo phambi kukaNkulunkulu wokusebenzisa unembeza wawo oqeqeshwe ngeBhayibheli. Isifiso sawo kufanele sibe ukuba nonembeza ongeke uwahluphe, ngesikhathi esifanayo afuna nokucabangela unembeza wabanye.—1 Thim. 1:19.

Uchwepheshe othile emkhakheni wokusebenza kwama-*hormone* aphathelene nezitho zokuzala wathola ukuthi imibhangqwana eminingi "yayikhungathekile ngesikhathi esifanayo ikhathazeke ngokujulile ngomthwalo wemfanelo enawo wokunquma ukuthi yenzeni ngemibungu yawo [eqandisiwe]." Waphetha ngokuthi: "Ngokombono wemibhangqwana eminingi, kubonakala singekho isinqumo esihle."

AmaKristu eqiniso acabangela ukusebenzisa i-IVF kufanele ahlaziye kahle zonke izinkinga ezibangelwa yilobu buchwepheshe. IBhayibheli liyaseluleka: "Umuntu ohlakaniphile ubona ingozi acashe, kodwa ongahlakaniphile uyaqhubeka elokhu ehamba abese elimala."—IzAga 22:3, *NET Bible.*

## IMIBUZO EVELA KUBAFUNDI

*Umbhangqwana ongashadile ofundelwa iBhayibheli ufuna ukubhapathizwa kodwa awukwazi ukubhalisa umshado wawo ngoba indoda ihleli ezweni ngokungemthetho. Uhulumeni awumvumeli umuntu wakwelinye izwe ukuba ashade uma esezweni ngokungemthetho. Ingabe bangalisayina ifomu loBufakazi Obuthembisa Ukwethembeka* [*Declaration Pledging Faithfulness*] *bese bebhapathizwa?*

■ Ukwenza lokhu kungase kubonakale kuyikhambi, kodwa akuyona indlela engokomBhalo yokuxazulula inkinga. Ukuze sibone ukuthi kungani, ake siqale sixoxe ngenjongo yaleli fomu loBufakazi Obuthembisa Ukwethembeka, ukuthi elani nokuthi lisebenza kanjani futhi nini.

Leli ifomu elinamazwi alotshiwe elisayinwa phambi kofakazi ngumbhangqwana ongavunyelwe ukushada ngenxa yesizathu esingezansi. Kuleli fomu ufunga ukuthi uzokwethembeka komunye nomunye nokuthi uzobhalisa umshado uma izimo sezivuma. Ibandla liyobe seliwubheka njengofunge phambi kukaNkulunkulu nabantu ukuthi uzothembeka komunye nomunye ukuze isibopho sawo sibhekwe njengokungathi sigunyazwe iziphathimandla zezwe.

Lisetshenziselwani, futhi nini leli fomu? UJehova wasungula umshado futhi uwuhlonipha kakhulu. INdodana yakhe yathi: "Lokho uNkulunkulu akubophele ndawonye makungahlukaniswa muntu." (Math. 19:5, 6; Gen. 2:22-24) UJesu wanezela: "Noma

ubani ohlukanisa nomkakhe, *ngaphandle kwesizathu sobufebe* [ukuziphatha okubi ngokobulili], ashade nomunye, uyaphinga." (Math. 19:9) Ngakho "ubufebe," noma ukuziphatha okubi ngokobulili, buwukuphela kwesizathu esingokomBhalo sesehlukaniso. Ngokwesibonelo, uma indoda ilala nomunye umuntu engashadile naye, umkayo ongenacala angakhetha ukuthi uyasifaka yini isehlukaniso noma cha. Uma esifaka, khona-ke ukhululekile ukuphinde ashade.

Nokho, kwamanye amazwe, ikakhulukazi esikhathini esidlule, isonto elithile elivelele lalingasamukeli lesi siqondiso seBhayibheli esicacile. Kunalokho, lalifundisa ukuthi isehlukaniso asinakuvunyelwa ngisho nanganoma isiphi isizathu. Yingakho kwezinye izindawo lapho lelo sonto lalinethonya elikhulu khona, imithetho yezwe ayikuvumeli nhlobo ukufaka isehlukaniso, ngisho noma kunesizathu esizwakalayo esashiwo uJesu. Kwamanye amazwe, isehlukaniso sivumelekile kodwa kunemidanti eminingi, eyinkimbinkimbi nekhathazayo. Kungase kuthathe iminyaka ukuthola isehlukaniso. Kuba sengathi isonto noma uhulumeni 'uthiya' lokho uNkulunkulu akuvumele.—IzE. 11:17.

Ngokwesibonelo, umbhangqwana ungase uhlale ezweni okungenakwenzeka kulo ukuthola isehlukaniso noma okunzima kakhulu ukusithola, mhlawumbe kuthatha iminyaka kuba sigunyazwe. Uma wenze konke okusemandleni awo ukunqamula umshado wangaphambili owawusemthethweni futhi ukufanelekela ukushada emehlweni kaNkulunkulu, ungase usayine ifomu loBufakazi Obuthembisa Ukwethembeka. Leli ilungiselelo lomusa elenziwa ibandla lobuKristu *kulawo mazwe.* Nokho, alisebenzi emazweni amaningi lapho isehlukaniso sivunyelwe khona, ngisho noma inqubo ingase imbe eqolo noma ibe yinkimbinkimbi.

Ukungaliqondi ifomu loBufakazi Obuthembisa Ukwethembeka kuye kwenza abanye abahlala emazweni lapho isehlukaniso sivunyelwe khona bafune ukusayina leli phepha ukuze bangabhekani nobunzima noma izinkinga.

Kule ndaba sikhuluma ngendoda nowesifazane abakipitile abafuna ukushada. Ngamunye kubo ukhululekile ngokomBhalo ukushada; akekho kubo oboshwe umshado wangaphambili. Nokho, indoda ihleli ezweni ngokungemthetho futhi uhulumeni akakugunyazi ukushada komuntu wakwelinye izwe ongenazo izincwadi. (Emazweni amaningi iziphathimandla ziyakuvumela ukushada ngisho noma oyedwa noma bobabili bengenazo izincwadi ezingokomthetho zokuhlala ezweni.) Kule ndaba, izwe linalo ilungiselelo lokufaka isehlukaniso. Ngenxa yalokho alinakusetshenziswa ifomu loBufakazi Obuthembisa Ukwethembeka kulokhu. Phawula ukuthi kulo mbhangqwana akuyona indaba yokuthi othile kuwo bekudingeka athole isehlukaniso kodwa uhulumeni akasigunyazi. Bakhululekile ukushada. Njengoba indoda ihleli ezweni ngokungemthetho, ungashada kanjani lo mbhangqwana? Ungase uye kwelinye izwe lapho indoda ingeke yenqatshelwe khona umthetho. Noma ungase ushadele kulo izwe ohlala kulo njengamanje *uma* indoda ithatha izinyathelo zokuthola izincwadi ezingokomthetho zokuhlala lapho.

Yebo, lo mbhangqwana ungakwenza ukuphila kwawo kuvumelane nezindinganiso zikaNkulunkulu nemithetho kaKhesari. (Marku 12:17; Roma 13:1) Sethemba ukuthi uyokwenza kanjalo. Ngemva kwalokho ungase ufanelekele ukubhapathizwa.—Heb. 13:4.



## Ingabe ubafunde ngokucophelela omagazini bamuva be-*Nqabayokulinda?* Bona ukuthi ungakwazi yini ukuphendula imibuzo elandelayo:

**Singawunqanda kanjani umlilo wenkulumo engalawuliwe?**

Kufanele sihlole inhliziyo yethu. Kunokuba sigxeke umfowethu, kungani singahloli imbangela yesimo sakhe sengqondo? Ingabe simgxeka ngoba sifuna ukubonakala singcono? Ngaphezu kwalokho, ukugxeka abanye kungenza isimo sibe sibi nakakhulu. —8/15, ikhasi 21.

**UMthetho wayiveza kanjani indlela uNkulunkulu abheka ngayo abesifazane?**

Abesifazane bakwa-Israyeli babenenkululeko enkudlwana futhi benelungelo lokufunda. Kwakumelwe banikwe udumo, bahlonishwe futhi amalungelo abo avikelwe.—9/1, amakhasi 5-7.

**Njengoba usuku lukaJehova lusondela, iziphi izenzakalo eziseza?**

Kuyokwenziwa isimemezelo esithi: "Ukuthula nokulondeka!" Izizwe ziyohlasela futhi zibhubhise iBhabhiloni Elikhulu. Abantu bakaNkulunkulu bayohlaselwa. Impi ye-Armagedoni iyoqala, ilandelwe ukuphonswa kukaSathane namademoni akhe kwalasha.—9/15, ikhasi 4.

**Sizuza kanjani ngokungalwazi usuku ukuphela okuyofika ngalo?**

Ukungalwazi kwethu usuku oluqondile noma ihora kusenza sibonise lokho okusezinhliziyweni zethu. Kusinika ithuba lokwenza inhliziyo kaNkulunkulu ijabule. Kusikhuthaza ukuba siphishekele ukuphila kokuzidela futhi kusisiza ukuba sithembele ngokuphelele kuNkulunkulu naseZwini lakhe. Ngaphezu kwalokho, kuvumela izinselele esibhekana nazo manje ukuba zisicwenge.—9/15, amakhasi 24-25.

**Singayisebenzisa kanjani incwadi kaGenesise 3:19 ukuze sibonisane nomuntu okholelwa esihogweni somlilo?**

Leli vesi lithi lapho efa u-Adamu wayezobuyela othulini lomhlabathi, alithi wayezoya esihogweni somlilo.—10/1, ikhasi 13.

**Zimelela obani "izinkanyezi eziyisikhombisa" ezisesandleni sokunene sikaJesu okukhulunywa ngazo kusAmbulo 1:16, 20?**

Zimelela ababonisi abagcotshwe ngomoya emabandleni futhi ngomqondo obanzi zimelela nabo bonke ababonisi.—10/15, ikhasi 14.

**Umkhaya ungabhekana kanjani nezikweletu zawo?**

Umbhangqwana oshadile kufanele ukhulume ngokukhululekile nangomoya ophansi ngezikweletu zawo. Kuyowusiza ukuhlaziya isimo sawo sezimali. Ungakwazi yini ukwandisa imali engenayo noma ukunciphisa izindleko zomkhaya? Kufanele unqume indlela ozohlasela ngayo izikweletu zawo, mhlawumbe ukhulumisane nabantu obakweletayo. Kodwa kufanele ubhekane namaqiniso futhi ubeke imali endaweni yayo. (1 Thim. 6:8)—11/1, amakhasi 19-21.

**UJesu wasibonakalisa kanjani isimo sengqondo sokuthobeka okukhulunywa ngaso ku-Isaya 50:4, 5?**

La mavesi athi lowo 'onolimi lwabafundisiweyo' ngeke 'aphendukele kolunye uhlangothi.' UJesu wabonisa isimo sengqondo sokuthobeka, walalelisisa lokho uYise ayemfundisa khona. Wayekulangazelela futhi ezimisele ukufunda kuJehova, wakubona kahle ukuthobeka kwaKhe njengoba ayebonisa isihe esintwini esinesono.—11/15, ikhasi 11.

**Isitembu esiyisikhumbuzo sase-Estonia sabunikeza kanjani ubufakazi bobuqotho boFakazi BakaJehova?**

Ngo-2007 i-National Post Office yakuleli zwe yakhipha isitembu esigxile ekuqothulweni kwabantu base-Estonia okwagqugquzelwa uStalin. Sibhalwe inombolo ethi 382, emelele inani loFakazi BakaJehova kanye nezingane zabo abadingiselwa emakamu okusebenza kanzima maphakathi impela ne-Russia ngo-1951.—12/1, amakhasi 27-28.



“Ngininxusa njengabafokazi nezakhamuzi zesikhashana ukuba niqhubeke nideda ezifisweni zenyama.”
—1 PET. 2:11.

**UNGAPHENDULA KANJANI?**

Kungani abagcotshiweyo bebizwa ngokuthi bayizakhamuzi zesikhashana?

“Ezinye izimvu” ‘ziyizakhamuzi zesikhashana’ ngamuphi umqondo?

Yini oyilangazelelayo ngokuphathelene nesikhathi esizayo?

# UKULONDOLOZA UKUMA KWETHU ‘NJENGEZAKHAMUZI ZESIKHASHANA’

NGEMVA kweminyaka engaba ngu-30 uJesu enyukela ezulwini, umphostoli uPetru wabhala incwadi eya “kwabayizakhamuzi zesikhashana ezihlakazekele ePhontu, eGalathiya, eKhaphadosiya, e-Asiya, naseBhithiniya, [abakhethiweyo].” (1 Pet. 1:1) Kusobala ukuthi ngaleli gama elithi, ‘abakhethiweyo,’ uPetru wayebhekisele kulabo, ababegcotshwe ngomoya ongcwele njengaye futhi ababenikwe “ukuzalwa okusha ethembeni eliphilayo” lokubusa noKristu ezulwini. **(*Funda eyoku-1 Petru 1:3, 4.*)** Kodwa kungani kamuva abiza laba abakhethiweyo ngokuthi “abafokazi nezakhamuzi zesikhashana”? (1 Pet. 2:11) Lokhu kusho ukuthini kithi namuhla njengoba ngokwesilinganiso cishe uyedwa kuphela kwabangu-650 oFakazi abashumayelayo othi ugcotshiwe?

2 Kwakufaneleka ukusebenzisa inkulumo ethi “izakhamuzi zesikhashana” kwabagcotshiweyo ekhulwini lokuqala. Njengoba kunjalo ngensali yaleli qembu esaphila namuhla, babengeke baphile phakade emhlabeni. Umphostoli uPawulu naye oyilungu ‘lomhlambi omncane’ ogcotshiwe, wachaza: “Kepha thina, siyizakhamuzi zasemazulwini, okuyindawo futhi esilindele kuyo ngokulangazela umsindisi, iNkosi uJesu Kristu.” (Luka 12:32; Fil. 3:20) Ngenxa yokuthi ‘bayizakhamuzi zasemazulwini,’ lapho befa, abagcotshiweyo bayohamba emhlabeni ukuze bayothola okuthile okungcono kakhulu, ukuphila kokungafi emazulwini. **(*Funda eyabaseFilipi 1:21-23.*)** Ngakho, ngomqondo ongokoqobo, bangabizwa ngokuthi “izakhamuzi zesikhashana” kulo mhlaba olawulwa uSathane.

3 Kodwa kuthiwani ‘ngezinye izimvu’? (Joh. 10:16) Azinalo yini ithemba elisekelwe emiBhalweni lokuba

---

**1, 2.** UPetru wayebhekisela kobani ngelithi ‘abakhethiweyo,’ futhi kungani ababiza ngokuthi “izakhamuzi zesikhashana”?

**3.** Imuphi umbuzo ophakamayo manje ngokuphathelene ‘nezinye izimvu’?

izakhamuzi *zaphakade* emhlabeni? Kunjalo, umhlaba uyoba ikhaya lazo kuze kube phakade! Noma kunjalo, ngomqondo othile nazo okwamanje zingabhekwa njengezakhamuzi zesikhashana. Ngamuphi umqondo?

### "YONKE INDALO IYAQHUBEKA IBUBULA"

4 Uma nje isimiso sikaSathane esibi sisavunyelwe ukuba sibe khona, wonke umuntu, kuhlanganise namaKristu, uyoqhubeka ebhekana nemiphumela yokuvukela kukaSathane uJehova. Sifunda lokhu kumaRoma 8:22: "Siyazi ukuthi yonke indalo iyaqhubeka ibubula kanyekanye futhi isezinhlungwini kanyekanye kuze kube manje." Abaholi bezwe, ososayensi nabezenhlalakahle, kungakhathaliseki ukuthi baqotho kanjani, abakwazi ukukuvimbela lokhu.

5 Ngenxa yalokho, kusukela ngo-1914, izigidi zabantu ziye zakhetha ukuba izikhonzi zokuzithandela zeNkosi emiswe uNkulunkulu, uKristu Jesu. Azifisi ukuba ingxenye yesimiso sezwe likaSathane. Ziyenqaba ukusekela izwe likaSathane. Kunalokho, zisebenzisa ukuphila nempahla yazo ekusekeleni uMbuso kaNkulunkulu, zithuthukise izithakazelo zawo.—Roma 14: 7, 8.

6 Yebo, oFakazi BakaJehova bayizakhamuzi ezithobela umthetho emazweni angaphezu kuka-200, kodwa kungakhathaliseki ukuthi bahlalaphi, bafana nabantu abangabafokazi. Abaluthathi nhlobo uhlangothi ezindabeni zezombusazwe nezezenhlalo zanamuhla. Kwamanje, bazibheka njengezakhamuzi zezwe elisha likaNkulunkulu. Bayajabula ukubona izinsuku zabo *njengezakhamuzi zesikhashana* esimisweni sezwe elingaphelele zisondela ngokushesha esiphelweni.

7 Maduze uKristu uzosebenzisa igunya lakhe ukuze abhubhise isimiso sikaSathane esibi. Uhulumeni ophelele kaKristu uzokhulula umhlaba esonweni nasosizini. Uzosusa yonke iminonjana ebonakalayo nengabonakali yokuvukela ubukhosi

**4.** Yini abaholi bezwe abehlulekayo ukuyivimbela?

**5.** Kusukela ngo-1914, isiphi isinyathelo esiye sathathwa izigidi zabantu, futhi ngani?

**6.** OFakazi BakaJehova bangabizwa ngokuthi bangabafokazi ngamuphi umqondo?

**7.** Izinceku zikaNkulunkulu ziyoba kanjani izakhamuzi zaphakade, futhi zakuphi?



Asizami ukusindisa izwe likaSathane

Sikhuthaza abantu ukuba bakhethe izwe elisha likaNkulunkulu

bukaJehova obufanele. Izinceku zikaNkulunkulu eziqotho zizoba izakhamuzi *zaphakade* emhlabeni oyiPharadesi. (***Funda isAmbulo 21:1-5.***) Ngomqondo ophelele, indalo iyobe 'isikhululiwe ekugqilazweni ukonakala isinenkululeko ekhazimulayo yabantwana bakaNkulunkulu.'—Roma 8:21.

### YINI ELINDELEKE KUMAKRISTU EQINISO?

8 UPetru uchaza lokho okulindeleke kumaKristu lapho eqhubeka ethi: "Bathandekayo, ngininxusa njengabafokazi nezakhamuzi zesikhashana ukuba niqhubeke nideda ezifisweni zenyama, okuyizo kanye ezilwa nomphefumulo." (1 Pet. 2:11) Ekuqaleni leso seluleko sasiqondiswe kumaKristu agcotshiwe, kodwa sisebenza ngokufanayo nakwezinye izimvu zikaJesu.

9 Ezinye izifiso azizimbi ngokwazo uma zaneliswa ngendlela emiswe uMdali. Empeleni zenza ukuphila kujabulise. Ngokwesibonelo, kunezifiso ezivamile ezinjengokujabulela ukudla okumnandi neziphuzo, ukuhlanganyela emisebenzini eqabulayo nokujabulela ubudlelwane nabangane abahle. Ngisho nesifiso sokujabulela ubulili nomuntu oshade naye singesifanele futhi sinendawo yaso. (1 Kor. 7:3-5) Nokho, uPetru wazihlukanisa 'izifiso zenyama' ayekhuluma ngazo ngokuba athi yilezo "ezilwa nomphefumulo." Ukuze zikucacise lokho okukhulunywa ngakho, ezinye izinguqulo zeBhayibheli zisebenzisa elithi "izinkanuko zenyama," (IBhayibheli lesiZulu elivamile) noma "izifiso zesono" (*New International Version*). Kusobala ukuthi noma isiphi isifiso somuntu esingqubuzana nenjongo uJehova ayishilo futhi esilimaza ubuhlobo obuhle umuntu anabo naYe kumelwe silawulwe. Uma singalawulwa, ithemba lomKristu lokulondoloza umphefumulo wakhe lingaba sengozini enkulu.

10 USathane ufuna ukukwenza buthaka ukuzimisela kwamaKristu eqiniso ukuzibheka 'njengezakhamuzi zesikhashana' kulesi simiso samanje. Ubukhazikhazi bezinto ezibonakalayo, ukuyenga kokuziphatha okubi, ukukhanga kokuvelela, ukukhohlisa komoya 'wobumina' nokudonswa ihuha lobuzwe—konke lokhu kuyizingibe zikaSathane futhi akumelwe sikhohliseke. Ngokuzimisela ukuzigwema lezi zifiso zenyama ezimbi, sibonisa ngokucacile ukuthi asifuni ukuba ingxenye yezwe elibi likaSathane. Sinikeza ubufakazi bokuthi sihlezi kulo okwesikhashana. Esikufuna nesikulwela ngempela ukuba sibe izakhamuzi zaphakade ezweni elisha likaNkulunkulu lokulunga.

### UKUZIPHATHA OKUHLE

11 UPetru uyaqhubeka echaza lokho okulindeleke kumaKristu 'ayizakhamuzi zesikhashana' ngokuthi evesini 12: "Gcinani ukuziphatha kwenu kukuhle phakathi kwezizwe, ukuze kuthi, entweni ezikhuluma kabi ngani kuyo njengokungathi ningabenzi bokubi, zikhazimulise uNkulunkulu ngosuku lokuhlola kwakhe ngenxa yemisebenzi yenu emihle ezingofakazi bayo bokuzibonela." Izifiki, izakhamuzi zesikhashana, ngokuvamile ziyagxekwa ezweni ezigogobele kulo. Ngenxa nje yokuthi zihlukile kubantu bendawo ezingomakhelwane babo, zingaze zibhekwe nanjengabenzi bokubi. Zingase zihluke ngenkulumo, izenzo, ukugqoka ngisho nangendlela ezibukeka ngayo. Kodwa lapho zenza imisebenzi emihle, okungukuthi, lapho ukuziphatha kwazo kukuhle, izinkulumo ezimbi eziphathelene nokwehluka kwazo azibi nasisekelo.

12 Ngokufanayo, amaKristu eqiniso

**8, 9.** Chaza ukuthi uPetru wayesho ukuthi ngenkulumo ethi 'ukudeda ezifisweni zenyama.'

**10.** Iziphi ezinye zezindlela uSathane azisebenzisayo ukuze enze amaKristu abe ingxenye yezwe lakhe?

**11, 12.** Ngezinye izikhathi, izifiki zibhekwa kanjani, futhi yini engase ishiwo ngoFakazi BakaJehova?

ahlukile komakhelwane bawo abaningi ezicini ezithile, njengezingxoxo zawo noma lokho akhetha ukuzijabulisa ngakho. Indlela yawo yokugqoka nokuzilungisa ngokuvamile yenza kubonakale ukuthi ahlukile kwabaningi emphakathini. Ngenxa yokwehluka kwawo, ngezinye izikhathi labo abatshelwe amanga ngawo bayawamangalela bathi angabenzi bokubi. Nokho, abanye bangase bayincome indlela yawo yokuphila.

13 Yebo, ukuziphatha okuhle kungasiza ekuqedeni ukugxekwa okungasekelwe ndawo. Ngisho noJesu, ukuphela komuntu owaphila ngokwethembeka okuphelele kuNkulunkulu, wamangalelwa ngamanga. Abanye bambiza ngokuthi "umuntu ominzayo nothanda ukuphuza iwayini, umngane wabathelisi nezoni." Nokho, iqiniso liwukuthi inkambo yakhe yokuhlakanipha ekukhonzeni uNkulunkulu yabonisa ukuthi wayemane ebhecwa ngobubende. UJesu wathi: "Ukuhlakanipha kubonakaliswa kulungile yimisebenzi yako." (Math. 11:19) Nanamuhla kusenjalo. Ngokwesibonelo, abafowethu nodadewethu abakhonza eBethel eseSelters, eJalimane, babhekwa abanye bomakhelwane babo njengabantu abangaqondakali. Kodwa umphathi-dolobha wakhuluma kahle ngabo, wathi: "OFakazi abakhonza lapho banendlela ehlukile yokuphila, kodwa engakuphazamisi neze ukuphila kwabanye emphakathini."

**13, 14.** Ukuhlakanipha 'kubonakaliswa kanjani kulungile imisebenzi yako'? Bonisa.

Iqiniso leBhayibheli liye lasiza lo mkhaya waseRussia ukuba ube munye



14 Kusanda kufinyelelwa esiphethweni esifanayo ngokuphathelene noFakazi BakaJehova baseMoscow, eRussia. Babemangalelwe ngamanga ngamacala amaningi. Kwabe sekuthi ngo-June 20, 2010, iNkantolo YaseYurophu Yamalungelo Abantu eStrasbourg, eFrance, yakhipha lesi sinqumo: "INkantolo ithola ukuthi ukuphazamisa [kweMoscow] ilungelo labamangalelwa lokukhulekela nokuhlangana ndawonye kwakungasekelwe ndawo. Izinkantolo ezincane azizange ziveze izizathu 'ezifanelekayo nezanele' ukuze zibonise ukuthi umphakathi wabamangalelwa" unecala, ngokwesibonelo, lokubhidliza imikhaya, ukugqugquzela ukuzibulala noma ukwenqaba ukwelashwa. Ngakho, "isinqumo sezinkantolo ezincane sokuwunswinya sasiqatha ngokwedlulele ngoba izinkantolo ezincane ziye zehluleka ukubonelela futhi zenza ngendlela engahambisani nanoma imuphi umgomo ongokomthetho ezaziwuphishekela."

### UKUZITHOBA OKUFANELE

15 OFakazi BakaJehova eMoscow —empeleni, emhlabeni wonke—bagcwalisa enye imfuneko elindeleke kumaKristu echazwe uPetru. Wabhala: "Ngenxa yeNkosi zithobeni kuyo yonke indalo engabantu: kungakhathaliseki ukuthi enkosini njengephakeme noma kubabusi." (1 Pet. 2: 13, 14) Nakuba engeyona ingxenye yaleli zwe elibi, amaKristu eqiniso azithoba ngokuzithandela emagunyeni ohulumeni "ezi-

**15.** Isiphi isimiso seBhayibheli esilandelwa amaKristu eqiniso emhlabeni wonke?

khundleni zawo ezilinganiselwe," njengoba nje uPawulu awayala.—***Funda amaRoma 13:1, 5-7.***

16 Lapho oFakazi BakaJehova beziphatha 'njengezakhamuzi zesikhashana' kulesi simiso sezinto, abakwenzi ngenjongo yokubonisa ukungahambisani nohulumeni ngandlela-thile; futhi abaphikisi noma baphazamise abanye abazenzela ezabo izinqumo zezombusazwe noma zezenhlalo. Ngokungafani namanye amaqembu ezinkolo, oFakazi BakaJehova bayakugwema ukuzigaxa kwezombusazwe. Abalokothi bazame ukutshela iziphathimandla lokho okumelwe zikwenze. Kuyinto engasekelwe ndawo ukuthi bangaphazamisa ukuthula komphakathi noma bavukele uhulumeni!

17 Ngokulalela iziphathimandla ngokuvumelana neseluleko sikaPetru 'sokubonisa udumo enkosini,' amaKristu abonisa inhlonipho nodumo oluhambisana nezikhundla zazo. (1 Pet. 2:17) Ngezinye izikhathi, iziphathimandla ziye zavuma ukuthi azinasizathu esiphathekayo sokukhathazeka ngoFakazi BakaJehova. Ngokwesibonelo, omunye usombusazwe waseJalimane uSteffen Reiche, owake waba ungqongqoshe esifundazweni saseBrandenburg futhi kamuva owaba ilungu ephalamende laseJalimane, wathi: "Ukuziphatha koFakazi BakaJehova emakamu nasemajele kubonisa izimfanelo ezinhle ezibaluleke kakhulu namuhla njengasesikhathini esidlule ekubeni khona kombuso okhethwe ngentando yeningi: okungukuthi, ubuqotho bawo ekumelaneni namaSS nesihawu abasibonisa kwezinye iziboshwa ezazikanye nabo. Uma kucatshangelwa ubudlova obandayo obenziwa kubantu bokufika nakulabo abanemibono ehlukile noma abasezinhlanganweni zezombusazwe ezihlukile, kumelwe nakanjani zonke izakhamuzi zezwe lethu zizihlakulele lezi zimfanelo ezinhle."

### UKUBONISA UTHANDO

18 Umphostoli uPetru wabhala: "Thandani bonke abazalwane, mesabeni uNkulunkulu." (1 Pet. 2:17) OFakazi BakaJehova banokwesaba okunempilo kokudumaza uNkulunkulu, futhi lokhu kubashukumisela ngokwengeziwe ukuba benze intando yakhe. Bayakujabulela ukukhonza uJehova njengengxenye yobuzalwane bomhlaba wonke babazalwane nodade abanesifiso esifanayo. Ngakho-ke, kulindelekile ukuba 'bathande bonke abazalwane.' Uthando olunjalo lobuzalwane oluyivelakancane emphakathini wanamuhla onobugovu, luvame ukubamangaza abantu abangebona oFakazi. Ngokwesibonelo, umuntu obonisa izivakashi indawo osebenza enkampanini yezezivakashi yaseMelika wamangala lapho ebona uthando nosizo oFakazi abakubonisa izihambeli ezivela kwamanye amazwe emhlanganweni wezizwe eJalimane ngo-2009. Wathi wayeqala ukubona into enje kuyo yonke iminyaka enza lowo msebenzi. Kamuva, omunye woFakazi waphawula: "Konke akusho ngathi wayekusho ngezwi elinokumangala nomdlandla." Ingabe nawe wake wezwa abantu ababuka oFakazi besabela ngendlela efanayo emhlanganweni omkhulu owawuye kuwo?

19 Ngazo zonke lezi zindlela osekukhulunywe ngazo nangezinye, oFakazi BakaJehova babonisa ukuthi ngomqondo ophelele, 'bayizakhamuzi zesikhashana' kulesi simiso sikaSathane. Futhi bayakujabulela ukuqhubeka beyizo. Ithemba labo liqinile futhi linesisekelo esifanele lokuthi maduze bazoba *izakhamuzi zaphakade* ezweni elisha likaNkulunkulu lokulunga. Ingabe yilokho nawe okulangazelelayo?

---

**16, 17.** (a) Yini ebonisa ukuthi asimelene nohulumeni? (b) Yini eye yavunywa abanye abaholi bezombusazwe?

**18.** (a) Kungani kulindelekile ukuba sithande bonke abazalwane? (b) Yini eye yaphawulwa abanye abantu abangebona oFakazi?

**19.** Yini okufanele sizimisele ukuyenza, futhi ngani?



# "Izakhamuzi Zesikhashana" Zinobunye Ekukhulekeleni Kweqiniso

*"Abezinye izizwe bayoba abalimi benu nabagcini-zivini benu. Kepha nina, niyobizwa ngokuthi ningabapristi bakaJehova."*
—ISAYA 61:5, 6.

**UNGAPHENDULA KANJANI?**

Abanye abantu bababheka kanjani abantu bezinye izizwe, kodwa umbono weBhayibheli uhluke kanjani?

Isiphi isimemo esidluliselwa kubantu bazo zonke izizwe?

Kungashiwo ngamuphi umqondo ukuthi sesijabulela izwe elingenabo abantu bezinye izizwe?

NJENGOBA kubonisQwe esihlokweni esandulele, abantu basebenzisa inkulumo ethi "owesinye isizwe" ngomqondo wokwedelela, obonisa ukumbukela phansi noma ukumeyisa okusobala lowo muntu. Kuwukwedelela ukubheka abantu besinye isizwe njengabaphansi kunabezwe lakithi. Ngaphezu kwalokho, ukuba nesimo sengqondo esinjalo kubonisa ukungawazi amaqiniso. Incwadi ethi *The Races of Mankind* ithi: "Izinhlanga zabantu ziyilokho iBhayibheli elithi ziyikho—izingane zandawonye." Kuyenzeka ukuba izingane zandawonye zihluke kakhulu, kodwa noma kunjalo zizalwa abazali ababodwa.

2 Yebo, kungakhathaliseki ukuthi sihlala kuphi, kuhlale kunabantu bezinye izizwe phakathi kwethu. Babekhona naphakathi kwama-Israyeli asendulo uJehova uNkulunkulu awangenisa ebuhlotsheni obukhethekile naye ngesivumelwano soMthetho. Amalungelo alabo bantu ababengewona ama-Israyeli ayelinganiselwe ngandlela-thile, noma kunjalo kwakulindeleke ukuba ama-Israyeli abaphathe ngenhlonipho futhi angabacwasi. Yeka isibonelo esihle okumelwe sisilandele! Ayikho indawo yokucwasa noma yobandlululo phakathi kwamaKristu eqiniso. Ngani? Umphostoli uPetru wathi: "Ngokuqinisekile ngiyaqonda ukuthi uNkulunkulu akakhethi, kodwa ezizweni zonke umuntu omesabayo futhi enze ukulunga uyamukeleka kuye."—IzE. 10:34, 35.

3 Abezinye izizwe ababehlala kwa-Israyeli wasendulo babezuza ngokuba nobudlelwane obuseduze nama-Israyeli emvelo. Lokhu kwakuhambisana nombono kaJehova kule ndaba umphostoli uPawulu awubonisa eminyakeni eminingi kamuva lapho ebuza ngokuphathelene noJehova: "Ingabe unguNkulunkulu wamaJuda kuphela? Akayena yini nowabantu bezizwe? Yebo, ungowabantu bezizwe futhi."—Roma 3:29; Joweli 2:32.

**1.** Abanye abantu bababheka kanjani abantu bezinye izizwe, kodwa kungani lokho kungafaneleki?

**2, 3.** Uyini umbono kaJehova ngabantu bezinye izizwe?

4 Ngesivumelwano esisha, ibandla lamaKristu agcotshiwe lathatha indawo ka-Israyeli wemvelo laba isizwe esasesizoba nobuhlobo obukhethekile noNkulunkulu. Ngenxa yalokho libizwa ngokuthi "u-Israyeli kaNkulunkulu." (Gal. 6:16) Njengoba uPawulu achaza, kulesi sizwe esisha, 'akukho mGreki namJuda, ukusoka noma ukungasoki, owezizwe, umSkithe, isigqila, okhululekile, kodwa uKristu uyikho konke futhi ukubo bonke.' (Kol. 3:11) Ngalowo mqondo-ke, abekho ebandleni lobuKristu okwakufanele babhekwe njengabezinye izizwe.

5 Ngakolunye uhlangothi, omunye angase abhekisele esahlukweni 61 sencwadi ka-Isaya, enesiprofetho esigcwaliseka ebandleni lobuKristu. Ivesi 6 laleso sahluko likhuluma ngalabo abayokhonza 'njengabapristi bakaJehova.' Nokho, ivesi 5 likhuluma 'ngabezinye izizwe' ababeyobambisana futhi basebenze ndawonye nalabo "bapristi." Kufanele sikuqonde kanjani lokhu?

6 Siqonda ukuthi labo "bapristi bakaJehova" bangamaKristu agcotshiwe anesabelo "ovukweni lokuqala" futhi ayoba "ngabapristi bakaNkulunkulu nabakaKristu, babuse njengamakhosi kanye naye iminyaka eyinkulungwane." (IsAm. 20:6) Ngaphezu kwalokho, kunamaKristu amaningi aqotho anethemba lasemhlabeni. Nakuba lawa maKristu esebenza futhi enobudlelwane obuseduze nalabo abayokhonza ezulwini, ngomqondo ongokomfanekiso, angabantu bezinye izizwe. Ayakujabulela ukusekela nokusebenza kanye 'nabapristi bakaJehova,' njengokungathi akhonza 'njengabalimi nabagcini-zivini.' Yebo, asiza ekuhlakuleleni izithelo zomoya ezikhazimulisa uNkulunkulu, ekunakekeleni nasekubutheni abantu. Ngempela, abagcotshiweyo 'nabezinye izimvu' bathola abantu abaqotho abafisa ukukhonza uNkulunkulu phakade bese bebalusa ngothando.—Joh. 10:16.

### "IZAKHAMUZI ZESIKHASHANA" NJENGO-ABRAHAMA

7 Njengoba kuye kwaphawulwa esihlokweni esandulele, amaKristu eqiniso anjengabantu bezinye izizwe, noma anjengezakhamuzi zesikhashana ezweni likaSathane elibi. Ngale ndlela, ayefana nabantu bokholo basendulo—abahlanganisa no-Abrahama'—okuthiwa ngabo 'babengabafokazi neza-

4. Kungani kungase kushiwo ukuthi abekho abezinye izizwe "ku-Israyeli kaNkulunkulu"?

5, 6. (a) Imuphi umbuzo ongase uphakame ngokuphathelene no-Isaya 61:5, 6? (b) Bangobani "abapristi bakaJehova" "nabezinye izizwe" u-Isaya akhuluma ngabo? (c) La maqembu amabili afana ngani?

7. AmaKristu namuhla afana kanjani no-Abrahama nabanye abantu basendulo bokholo?

Ingabe uyohlale ugxile ekugcwalisekeni kwezithembiso zikaNkulunkulu njengo-Abrahama?



khamuzi zesikhashana ezweni.' (Heb. 11:13) Kungakhathaliseki ukuthi sinaliphi ithemba ngesikhathi esizayo, sinelungelo lokujabulela ubuhlobo obunjengalobo obabuphakathi kukaJehova no-Abrahama. UJakobe uchaza ukuthi "'u-Abrahama waba nokholo kuJehova, kwabalelwa kuye njengokulunga,' futhi wabizwa ngokuthi 'umngane kaJehova.'"—Jak. 2:23.

8 UNkulunkulu wathembisa ukuthi ngo-Abrahama nangenzalo yakhe, *yonke* imindeni yomhlaba—hhayi isizwe esisodwa kuphela—yayiyobusiswa. **(*Funda uGenesise 22:15-18.*)** Nakuba kwakusazothatha isikhathi ukuba lesi sithembiso sikaNkulunkulu sigcwaliseke, u-Abrahama waqhubeka enokholo oluqinile lokuthi siyogcwaliseka. Yena nomkhaya wakhe bachitha isikhathi esingaphezu kwesigamu seminyaka ayiphila bengonozulane. U-Abrahama walondoloza ubungane bakhe noJehova sonke leso sikhathi.

9 Naphezu kokungazi ukuthi wayezolinda isikhathi esingakanani ngaphambi kokuba leso sithembiso sigcwaliseke, uthando u-Abrahama ayenalo ngoJehova nokuzinikela kwakhe kuye akuzange kuntengantenge. Wagcina amehlo akhe egxilile, akazange azinze esizweni esithile ngenjongo yokuba isakhamuzi *saphakade* kuso. (Heb. 11:14, 15) Yeka ukuthi kuwukuhlakanipha kanjani ngathi ukulandela isibonelo sika-Abrahama, ngokuphila ukuphila okulula, singazivumeli ukuba sikhathazeke ngokweqile ngokuthola izinto ezibonakalayo, izikhundla emphakathini noma ngemigomo yomsebenzi wokuziphilisa! Singazikhandlelani nje ukuba siphile ukuphila okuthiwa kuvamile kulesi simiso osekuseduze ukuba siphele? Singazithandelani ngempela izinto ezingezesikhashana? Njengoba kwakunjalo ngo-Abrahama, siphokophele kokuthile okungcono kakhulu. Sizimisele ukubonisa isimo sengqondo sokubekezela nesokulinda kuze kube yilapho ithemba lethu ligcwaliseka.—***Funda amaRoma 8:25.***

10 UJehova usamema abantu bazo zonke izizwe ukuba beze bazobusiswa ngenzalo ka-Abrahama. "Abapristi bakaJehova" abagcotshiwe kanye nabezinye izimvu 'abangabezinye izizwe,' badlulisela lesi simemo kubantu emhlabeni wonke ngezilimi ezingaphezu kuka-600.

### BHEKA NGALÉ KWEMINGCELE

11 Lapho kunikezelwa ithempeli ngo-1026 B.C.E., ngokuvumelana nesithembiso uJehova asenza ku-Abrahama, uSolomoni washo amazwi empeleni ayemema abantu bazo zonke izizwe ukuba nabo bahlanganyele ekudumiseni uJehova. Ethandaza ngokusuka enhliziyweni wathi: "Nowesinye isizwe, ongeyona ingxenye yabantu bakho u-Israyeli empeleni ozayo evela ezweni elikude ngenxa yegama lakho (ngoba bayozwa ngegama lakho elikhulu nangesandla sakho esinamandla nangengalo yakho eyeluliwe), futhi empeleni afike athandaze ebheke kule ndlu, kwangathi wena ngokwakho ungamlalela usemazulwini, indawo yakho yokuhlala emisiwe, wenze ngokuvumelana nakho konke lowo wesinye isizwe akucela kuwe; ukuze zonke izizwe zomhlaba zilazi igama lakho ukuze zikwesabe njengoba nje isizwe sakho u-Israyeli sikwesaba."—1 AmaKh. 8:41-43.

12 Ngokuyinhloko, umuntu ubhekwa njengowesinye isizwe uma esezweni okungelona elenkaba yakhe noma efika emphakathini noma eqenjini labantu abathile evela kwelinye. Lokhu kukuchaza kahle ukuma koFakazi BakaJehova. OFakazi ngokuyinhloko bathembeka kuhulumeni wasezulwini, uMbuso kaNkulunkulu osemahlombe kaKristu. Ngakho, balondoloza ukungathathi hlangothi ngokuphelele ezindabeni zezombusazwe, ngisho noma abanye

---

**8.** Isiphi isithembiso esanikezwa u-Abrahama, futhi wazizwa kanjani ngokugcwaliseka kwaso?

**9, 10.** (a) Singasilingisa ngaziphi izindlela isibonelo sika-Abrahama? (b) Isiphi isimemo esingahlanganyela ekusidluliseleni?

**11.** USolomoni wezwakalisa muphi umbono owawuhlanganisa nabantu abangewona ama-Israyeli?

**12.** Kungani abanye abantu bengase babheke oFakazi BakaJehova njengabangaqondakali noma "abezinye izizwe"?



Emehlweni kaJehova, akekho kubo ongowesinye isizwe

abantu bebabheka njengabangaqondakali emphakathini wanamuhla.

13 Abantu abangabezinye izizwe ngokuvamile babonakala ngezici ezivame eqenjini labo elincane. Lezo zici zingaba ulimi abalukhulumayo, amasiko nendlela ababukeka nabagqoka ngayo. Noma kunjalo, izinto abafana ngazo nabo bonke abanye abantu, kungakhathaliseki ubuzwe babo, zibaluleke ngaphezu kwalezo abahluka ngazo. Ngakho, umuntu ubhekwa njengowesinye isizwe ngoba nje ehlukile ngezindlela ezithile. Lapho sifunda ukubheka ngalé kwalowo mahluko, okhona ngempela, noma nje osezingqondweni zethu, igama elithi "owesinye isizwe," alibe lisasho lutho. Ukube bonke abantu emhlabeni bebengaphansi kukahulumeni owodwa noma inhlangano eyodwa yezombusazwe, akekho owayezobhekwa njengowesinye isizwe ngokomqondo wezombusazwe waleli gama. Eqinisweni, kwasekuqaleni uJehova wayehlose ukuba bonke abantu babe munye njengomkhaya *owodwa* ngaphansi kombuso *owodwa*—umbuso *wakhe.* Kungenzeka yini kube nento ecishe ifane nale manje kubantu bazo zonke izizwe emhlabeni wonke?

14 Ezweni elinobugovu nelishisekela ubuzwe, kuyaqabula ukuthola abantu abakwaziyo ukubheka ngalé kwemingcele yezizwe nabakwenzayo lokhu. Kuyavunywa ukuthi kungaba umzukuzuku ukunqoba ubandlululo. Umsunguli wesiteshi sokusakaza sethelevishini i-CNN, uTed Turner, uphawula ngokusebenza kwakhe nabantu abaningi abanamakhono abavela ezizweni ezihlukahlukene: "Ukuhlangana nalaba bantu kwaba okuhlangenwe nakho okuhle ngendlela engakholeki. Kungenze ngabheka abantu abavela kwamanye amazwe hhayi "njengabezinye izizwe," kodwa njengezakhamuzi engikanye nazo kulo mhlaba. Ngaqala ukubheka elithi "owesinye isizwe" njengelingafaneleki futhi ngabeka umthetho wokuthi lelo gama alinakusetshenziswa emoyeni noma ezingxoxweni zasemahhovisi esiteshi se-CNN. Esikhundleni salo kumelwe kusetshenziswe elithi, 'umuntu ovela emphakathini womhlaba wonke.'

15 Kuwo wonke amazwe omhlaba, oFakazi BakaJehova kuphela abaye bamukela indlela kaNkulunkulu yokucabanga *njengeqembu.* Ngokufunda ukubheka izinto ngendlela uJehova azibheka ngayo, baye bakwazi ukudiliza imingcele yobuzwe ezingqondweni zabo nasemizweleni yabo. Esikhundleni sokuphatha abantu bamaqembu ezizwe ahlukile ngokungabethembi, ukubazindlekela, noma ngisho ngenzondo esobala, baye bafunda ukwazisa izici namakhono ahlukahlukene ala maqembu njengokuthile okuhle. Ingabe wake wacabanga ngalokhu nangendlela okuye kwakuzuzisa ngayo ekusebenzelaneni kwakho nabanye?

13. (a) Kungani ngokuvamile umqondo welithi "owesinye isizwe" umane uyindaba yombono womuntu? (b) Ingabe injongo kaJehova yasekuqaleni yayihlanganisa nokuba abanye abantu babhekwe njengabezinye izizwe? Chaza.

14, 15. Yini oFakazi BakaJehova abaye bayiqaphela *njengeqembu?*

## IZWE ELINGENABO ABANTU BEZINYE IZIZWE

**16** Maduze zonke izizwe ezikhona namuhla zizobhekana noJesu Kristu namabutho asezulwini empini yokugcina yokulwa nabamelene nobukhosi bukaNkulunkulu, impi "ngesiHebheru ebizwa ngokuthi iHar–Magedoni." (IsAm. 16:14, 16; 19:11-16) Eminyakeni engaphezu kuka-2 500 edlule, umprofethi uDaniyeli waphefumulelwa ukuba abikezele ukuthi wawuyoba yini umphumela kohulumeni babantu abalwisana nenjongo kaNkulunkulu, wabhala: "Ezinsukwini zalawo makhosi uNkulunkulu wezulu uyomisa umbuso ongeke neze uchithwe. Futhi lowo mbuso ngeke udluliselwe kwabanye abantu. Uyochoboza uqede yonke le mibuso, wona uqobo ume kuze kube nini nanini."—Dan. 2:44.

> Ingabe ulangazelela isikhathi lapho ingeke ibe khona imingcele yamazwe ebekwe umuntu, lapho umqondo wegama elithi "owesinye isizwe" uyoba into yesikhathi esidlule?

**17** Uyabona yini ukuthi ukugcwaliseka kwalokhu kuyosho ukuthini kuwe? Imingcele yamazwe ebekwe umuntu, ngomqondo othile namuhla ephawula bonke abantu njengabesinye isizwe ngeke isaba khona. Noma imuphi umahluko endleleni umuntu abonakala ngayo ngaphandle nanoma iziphi ezinye izici ezivamile eziyoqhubeka zikhona, konke lokhu kuyomane kubonise ubuhle obunhlobonhlobo obutholakala endalweni kaNkulunkulu. Ukucabanga ngekusasa elihle kangaka kufanele kusishukumisele sonke ukuba siqhubeke senza konke okusemandleni ukuba sidumise futhi sazise uMdali wethu, uJehova uNkulunkulu.

**18** Ingabe akunangqondo ukukholelwa ukuthi lungenzeka ushintsho olunjalo emhlabeni wonke? Akunjalo. Kunalokho, kunengqondo impela ukukholelwa ukuthi luyokwenzeka. Wona kanye umqondo welithi "owesinye isizwe" awusasho lutho ngempela koFakazi BakaJehova, abangenandaba nobuzwe babantu abaphakathi kwabo. Ngokwesibonelo, muva nje amahhovisi abo amagatsha athile amancane aye ahlanganiswa namanye ukuze kwenziwe lula umsebenzi wokuwengamela futhi kuthuthukiswe izinga okufezwa ngalo umsebenzi wokushumayela izindaba ezinhle zoMbuso. (Math. 24:14) Uma nje kungangqubuzani nezimfuneko zomthetho, imingcele yamazwe abazange bazikhathaze ngayo lapho behlanganisa lawo magatsha. Lokho kungobunye ubufakazi bokuthi uJesu Kristu njengoMbusi ofanelekayo obekwe uJehova esihlalweni sobukhosi uyayidiliza imingcele yabantu, futhi nguye maduze 'ozophelelisa ukunqoba kwakhe'!—IsAm. 6:2.

**19** Njengoba bevela ezizweni eziningi futhi ngenxa yalokho bekhuluma izilimi eziningi ezihlukahlukene, oFakazi BakaJehova balwela ukukhuthaza ulimi oluhlanzekile lweqiniso. Lokhu kwakha isibopho sobunye okungelula ukusinqamula. (***Funda uZefaniya 3:9.***) Nakuba lo mkhaya wabantu bezizwe zonke uphakathi kwalesi simiso sezinto esibi, wona uhlukile kuso. Lo mkhaya onobunye okhona manje umane ungamazwibela ezwe elizayo—izwe elingenabo abantu bezinye izizwe. Ngaleso sikhathi bonke abaphilayo, yebo bonke abantu ngothi lwabo, bayojabulela ukubona iqiniso lamazwi ashiwo encwadini ecashunwe ekuqaleni athi: "Izinhlanga zabantu ziyilokho iBhayibheli elithi ziyikho—izingane zandawonye."—*The Races of Mankind.*

---

**16, 17.** Ukugcwaliseka kwesAmbulo 16:16 noDaniyeli 2:44 kuyosho ukuthini kuwe?

**18.** Iziphi izenzakalo zamuva ezibonisa ukuthi umqondo welithi "owesinye isizwe" ungaqedwa?

**19.** Ulimi oluhlanzekile lweqiniso luye lwabangela ukuba kwenzekeni?



# *INqabayokulinda* Eyenziwe Lula Kungani Ibe Khona?

SEKUNGAMASHUMI eminyaka abesilisa nabesifazane emhlabeni belwazisa futhi bezuza olwazini olusekelwe eBhayibhelini olunyatheliswa kuyi-*Nqabayokulinda*. Ngo-July 2011, kwanyatheliswa umagazini wokuqala owenziwe lula ngolimi lwesiNgisi onezihloko ezifundwa ebandleni. Lowo magazini wachaza: "Lo magazini omusha uzozanywa unyaka owodwa, uma uzuzisa, uzoqhubeka unyatheliswa."

Manje, siyajabula ukusho ukuthi sinqume ukuqhubeka siwunyathelisa. Ngaphezu kwalokho, ngokuhamba kwesikhathi lo magazini owenziwe lula uzoba khona nangolimi lwesiFulentshi, isiPutukezi kanye neSpanishi.

## OKWENZA UTHANDWE

Ngemva kokuthola lo magazini owenziwe lula, abaningi eNingizimu YePacific babika: "Manje abafowethu sebeyakwazi ukuthola umqondo ophelele we-*Nqabayokulinda.*" Enye incwadi yathi: "Isikhathi esasichithwa kubhekwa izincazelo zamagama kuchazwa nezinkulumo ezithile manje sisetshenziselwa ukuthola umqondo wemiBhalo ekhonjiwe nokuthi ihlangana kanjani nendaba."

Omunye oneziqu zasekolishi e-United States uthi: "Ngachitha iminyaka engu-18 ngikhuluma futhi ngibhala ulimi lwezifundiswa. Ngangenwa umkhuba wokukhuluma nokucabanga ngendlela edida abaningi. Ngaqaphela ukuthi kwakudingeka ngenze ushintsho olukhulu endleleni yami yokucabanga neyokukhuluma." Manje njengoba esengumshumayeli ophumelelayo, uthi: "*INqabayokulinda* eyenziwe lula ibe usizo olukhulu. Indlela amagama asetshenziswe ngayo iyisibonelo






“Isikhathi esasichithwa kubhekwa izincazelo zamagama kuchazwa nezinkulumo ezithile manje sisetshenziselwa ukuthola umqondo wemiBhalo ekhonjiwe nokuthi ihlangana kanjani nendaba”

esihle kakhulu sendlela elula yokukhuluma.”

Udade waseNgilandi owabhapathizwa ngo-1972 wabhala lokhu mayelana ne-*Nqabayokulinda* eyenziwe lula: “Lapho ngifunda umagazini wokuqala ngqa, kwaba sengathi uJehova uhleli eduze kwami, ungigaxile futhi siwufunda ndawonye. Kwakungathi ubaba ufundela ingane yakhe indaba ethile ngaphambi kokuba ilale.”

Udade oseBethel e-United States oseneminyaka engaphezu kuka-40 abhapathizwa wathi lo magazini owenziwe lula ngezinye izikhathi uye wamnika ukuqonda okusha. Ngokwesibonelo, ibhokisi elithi “Izincazelo Zamanye Amagama” kumagazini ka-September 15, 2011, lachaza inkulumo ethi “ifu lofakazi” ekumaHebheru 12:1 ngala mazwi: “Babebaningi kakhulu bengenakubalwa.” Wathi: “Lokhu kwenza lakhanya bha leli vesi.” Mayelana nemihlangano yamasonto onke, wanezela: “Ngisho noma ingane izifunda ngokuqondile izimpendulo zayo kumagazini owenziwe lula, azifani nezikamagazini ovamile we-*Nqabayokulinda* ofundwa iningi. Ngakho izilaleli ziyazithokozela izimpendulo zezingane.”

Omunye udade oseBethel wabhala: “Ngihlale ngimagange ukuzwa izimpendulo zezingane ebandleni. *INqabayokulinda* eyenziwe lula izisizile ukuba zikwazi ukuveza imizwa yazo ngokuqiniseka. Izimpendulo zazo ziye zaba isikhuthazo kimi.”

Udade owabhapathizwa ngo-1984 washo

amazwi okwazisa ngalo magazini owenziwe lula, wathi: “Kusengathi lo magazini ubhalelwe mina. Wenza kube lula ngempela ukuqonda engikufundayo. Manje sengiyazethemba ukuthi ngingaphendula eSifundweni Se-*Nqabayokulinda*.”

### ITHULUZI ELAZISWA ABAZALI

Umama womfana oneminyaka engu-7 wathi: “Ukuchaza imisho eminingi lapho silungiselela iSifundo Se-*Nqabayokulinda* kwakuthatha isikhathi eside futhi kukhathaza.” Wamsiza kanjani lo magazini owenziwe lula? Uyabhala: “Kuyangimangaza ukuthi naye useyazifunda izigaba futhi akuqonde ngempela akufundayo. Njengoba amagama asetshenzisiwe engenzima nemisho imifushane, akesabi. Useqale ukulungiselela izimpendulo zemihlangano ngaphandle kosizo lwami, futhi useyakwazi ukugxilisa umqondo wakhe kumagazini size siphele isifundo.”

Umama wentombazanyana eneminyaka engu-9 wabhala: “Ngaphambilini kwakudingeka simsize ngezimpendulo zakhe. Manje uselungiselela yedwa. Asivamile ukuchitha isikhathi simchazela ukwaziswa. Ngenxa yokuthi lokhu akufundayo kulula ukukuqonda, manje usezizwa eyingxenye ngempela yeSifundo Se-*Nqabayokulinda*.”

### IZINGANE ZIZIZWA KANJANI?

Izingane eziningi zinomuzwa wokuthi le-*Nqabayokulinda* eyenziwe lula ilungiselelwe zona ngokukhethekile. URebecca oneminyaka engu-12 wacela: “Ngicela niqhubeke niwunyathelisa lo magazini!” Wanezela: “Ngiyayithanda le ngxenye ethi, ‘Izincazelo Zamanye Amagama.’ Ilula kakhulu ezinganeni.”

UNicolette oneminyaka engu-7 uzizwa ngendlela efanayo: “Ngangikuthola kunzima ukuqonda *INqabayokulinda*. Manje sengikwazi ukuphendula kaningi ngingasizwanga.” U-Emma oneminyaka engu-9 wabhala: “Lo magazini uye waba usizo olukhulu kimi nakumfowethu, oneminyaka eyisithupha. Sesiwuqonda kangcono! Ngiyabonga!”

Kusobala ukuthi abaningi bayazuza kulo magazini we-*Nqabayokulinda* osebenzisa amagama nemisho elula ukuyiqonda. Wanelisa isidingo futhi uzoqhubeka unyatheliswa kanye nomagazini ovamile obulokhu uyilungiselelo eliyigugu kusukela ngo-1879.



“Kuyangimangaza ukuthi naye useyazifunda izigaba futhi akuqonde ngempela akufundayo”

# ZE-*NQABAYOKULINDA* KA-2012

Olubonisa umagazini isihloko esikuwo

## IBHAYIBHELI


Ezentsha, 1/1, 4/1, 7/1, 10/1
IBhayibheli LesiNgisi LikaCoverdale, 6/1
Lishintsha Ukuphila, 1/1, 2/1, 4/1, 5/1, 7/1, 8/1, 10/1, 11/1
Liyalibikezela Ikusasa? 1/1
NgesiSwahili, 9/1
Ukuba Kwalo Elihlukile, 6/1
Ukusetshenziswa Ekukholelweni Ezeni, 12/15


## INGXUBEVANGE


Abaculi, Izinsimbi (ngezikhathi zeBhayibheli), 2/1
Abadobi (ngezikhathi zeBhayibheli), 8/1
Abathelisi (ngekhulu lokuqala), 3/1
"Akunakwenzeka!"—Kusho Ukuthini? 6/1
"Amadodana Abaprofethi," 10/1
Amakhosi Ayisishiyagalombili Ayembulwa, 6/15
AmaKristu Abalekela EJudiya Ngaphambi Kuka-70 C.E.? 10/1
Amapeni, Uyinki Ngezikhathi ZeBhayibheli, 11/1
Amathende Ayenziwa UPawulu, 11/1
Amatshe Esiqephu Sesifuba Sompristi Ophakeme, 8/1
E-Thesalonika, 6/1
I-altare 'LikaNkulunkulu Ongaziwa,' 3/1
I-Armagedoni, 2/1
Ibitume Njengodaka, 7/1
Imibala Nezindwangu Kwangezikhathi ZeBhayibheli, 3/1
Imibungu Eqandisiwe, 12/15
Imitshingo Emingcwabeni Ngosuku LukaJesu? 2/1
Ingabe Bonke Abalungile Baya Ezulwini? 8/1
Ingabe Inkohlakalo Iyophela? 10/1
Ingabe Izidalwa Zomoya Ziyasithinta? 7/1
Ingabe Umhlaba Uzophela? 2/1
Inkolo Nezombusazwe, 5/1
Inkolo Uhlobo Oluthile Lokuzikhohlisa? 11/1
Iphepha Ngezikhathi ZeBhayibheli, 7/1
'Isihlalo Sokwahlulelwa' (IzE 18:12), 5/1
Iwayini Njengomuthi, 8/1
Izimangaliso, 8/1
Izimonyo Ngezikhathi ZeBhayibheli, 12/1
Izimpawu ZobuKristu Beqiniso, 3/1
Izindaba Ezinhle Ngenkolo, 5/1
Izitini EGibhithe Lasendulo, 1/1
Khetha Ikusasa Eliqhakazile, 5/1
Kungani Abanye Bengawugubhi UKhisimusi? 12/1
Kungani Kufanele Ushade Kuphela Nokholwa Naye? 7/1
"Lapho Uya Khona Ngizoya Khona" (uRuthe), 7/1
Okungcono Kakhulu KunoKhisimusi, 12/1
"Owesifazane Ovelele" (uRuthe), 10/1
U-Abrahama, 1/1
U-Ahashiveroshi (ka-Esteri), 1/1
U-Anase EmaVangelini, 4/1
Ugwayi, 8/1
Uhlu Lozalo LwamaJuda, 6/1
Ukholelwa Ukuthi Wake Waphila Ngaphambili? 12/1
Ukufa Kwabaqotho BakaNkulunkulu "Kuyigugu," 5/15
Ukulahleka Kohlamvu Lwesiliva, 12/1
Ukuphila Ngeholo Elincane, 6/1
Ukuphinde Wakhe Ukwethenjelwa (ngemva kokuphinga), 5/1
Ukusebenzelana Nemimoya, 3/1
Ukuthenga Nokuthengisa Kwa-Israyeli, 9/1
Umalusi (ngezikhathi zeBhayibheli), 11/1
Umbono Oba Nawo Ngomuntu Oqala Ukumbona, 3/1
UMbuso WamaNgisi NamaMelika Uba Owesikhombisa, 6/15
Umlimi (ngezikhathi zeBhayibheli), 5/1
Umona, 2/15
"Umvuzo Womsebenzi Wenu" (u-Asa), 8/15
UNathani—Umlweli Wokukhulekela Okuhlanzekile, 2/15
Ungaphila Phakade? 10/1
Usawoti Ophelelwa Amandla Awo? (Math 5:13), 12/1
Usuku Lokwahlulela, 9/1
Uziqu-zintathu, 3/1
Wavikela, Wondla, Waphikelela (uJosefa), 4/1
Wenza Ngokuhlakanipha, Ngesibindi, Nangokuzidela (u-Esteri), 1/1
Zazithunyelwa Kanjani Izincwadi Ngezikhathi ZeBhayibheli? 9/1


## IZIHLOKO EZIFUNDWAYO


AmaKristu Eqiniso Ayalihlonipha IZwi LikaNkulunkulu, 1/15
"Anilwazi Usuku Noma Ihora," 9/15
"Babeqhutshwa Umoya Ongcwele," 6/15
Funda Ekubekezeleni KukaJehova NoJesu, 9/15
Funda 'Ohlakeni Lweqiniso,' 1/15
Funda Ukuhlale Ulindile Kubaphostoli BakaJesu, 1/15
Gcina Inhliziyo Yakho Iphelele KuJehova, 4/15
Hlakulela Umoya Wokuba Omncane, 11/15
Hlale Unomuzwa Wokuphuthuma, 3/15
Hlobo Luni Lomoya Owubonisayo? 10/15
Indlela Leli Zwe Eliyophela Ngayo, 9/15
'INdodana Iyathanda Ukwambula UYise,' 4/15
Ingabe Usazisa Ngempela Isipho Somshado? 5/15
"Izakhamuzi Zesikhashana" Zinobunye Ekukhulekeleni Kweqiniso, 12/15
Khonza UNkulunkulu Wenkululeko, 7/15
Kungani Inkonzo kaJehova Kumelwe Ize Kuqala? 6/15
Kusho Ukuthini Kuwe Ukuthethelela KukaJehova? 11/15
Lalela UNkulunkulu Futhi Uzuze Ezithembisweni Zakhe Azifungela, 10/15
Lingisa Isibonelo SikaJesu Sokuhlale Elindile, 2/15
Londoloza Umoya Omuhle Webandla, 2/15
"Ngifundise Ukwenza Intando Yakho," 11/15
"Nginani," 8/15
"Ngizoba Nengebhe Ngobani?" 7/15
Qaphela Izingibe ZikaDeveli, 8/15
Siza Abantu "Baphaphame Ebuthongweni," 3/15
Thembela KuJehova—UNkulunkulu "Wezikhathi Nezinkathi," 5/15
Thethelelanani Ngokukhululekile, 11/15
Thola Impumelelo Yangempela Ekuphileni, 12/15
Ubupristi Bobukhosi Obuzozuzisa Sonke Isintu, 1/15
UJehova 'UnguMambuli Wezimfihlo,' 6/15
"UJehova Oyedwa" Ubutha Umkhaya Wakhe, 7/15
UJehova Ubutha Abantu Bakhe Abajabulayo, 9/15
UJehova Uyasilonda Ukuze Sisindiswe, 4/15
UJehova Uyayazi Indlela Yokukhulula Abantu Bakhe, 4/15
UJehova Wembula Lokho 'Okumelwe Kwenzeke Maduzane,' 6/15
UJesu Wabeka Isibonelo Sokuthobeka, 11/15
Ukubhekana Nezinkathazo Zanamuhla Ngesibindi, 10/15
Ukujabula Ethembeni Lethu, 3/15
Ukukhaphela—Isici Esethusayo Sesibonakaliso Sezikhathi! 4/15
Ukulondoloza Ukuma Kwethu 'Njengezakhamuzi Zesikhashana,' 12/15
Ukuthula Kweminyaka Eyinkulungwane Nangalé—Kwayo! 9/15
Ukwenza Imihlatshelo Yomphefumulo Wonke KuJehova, 1/15
Umkhaya Ohlukene Ngokwenkolo Ungaba Nayo Injabulo, 2/15
Ungabheki "Izinto Ezingemuva," 3/15
Ungalilahli Ithemba Ngomshado Onezinkinga, 5/15
Ungumphathi Othenjwayo! 12/15
Uyayibonakalisa Yini Inkazimulo KaJehova? 5/15
U-*Yebo* Wenu Makasho UYebo, 10/15
Vumela UJehova Akuholele Enkululekweni Yangempela, 7/15
"Yiba Nesibindi Uqine Kakhulu," 2/15
Yimani Niqine Futhi Nigweme Izicupho ZikaSathane, 8/15
Ziphatheni Njengezakhamuzi ZoMbuso! 8/15


## IZINDABA ZOKUPHILA


Amandla EZwi LikaNkulunkulu Emndenini WamaHindu (N. Govindsamy), 10/1
"Imfihlo" Efundwe Enkonzweni Engcwele (O. Randriamora), 6/15
Iminyaka Engu-60 Singabangane (L. Turner, W. Kasten, R. Kelsey, R. Templeton), 10/15
Iminyaka Engu-70 Yokubambelela Emphethweni Wengubo YomJuda (L. Smith), 4/15
Ngasondelana Nabakhulile Abahlakaniphile (E. Gjerde), 5/15
Ngathola Inkululeko Yangempela! (M. Kilin), 12/1
Okujabulisayo Esandleni Sakho Sokunene Phakade" (L. Didur), 3/15
Sengiyamazi UNkulunkulu Engimkhulekelayo (M. Bacudio), 9/1
UJehova Ungivule Amehlo (P. Oyeka), 6/1
UJehova Wangifundisa Ukwenza Intando YaKhe (M. Lloyd), 7/15


## OFAKAZI BAKAJEHOVA


Ama-Aztec Anamuhla, 3/1
Ama-*Colporteur*, 5/15
Ama-Pilgrim, 8/15
Bamemezela Ngesibindi IZwi LikaNkulunkulu! 2/15
Banabo Abefundisi Besifazane? 9/1
Bazinikela EBrazil, 10/15
Bazinikela E-Ecuador, 7/15
'Emlonyeni Wezingane' (eRussia, e-Australia), 10/15
Imingcele Ayisho Lutho (ePortugal, eSpain, eFrance), 1/1
Inala Yaqeda Ukuntula (iminikelo), 11/15
Incwadi Evela . . . , 3/1, 6/1, 9/1, 12/1
INkantolo Yase-Yurophu Isekela Ukungayi Empini Ngenxa Kanembeza (V. Bayatyan), 11/1
(*INqabayokulinda*) Umagazini Ofundwayo, 1/15
(*INqabayokulinda*) Eyenziwe Lula, 12/15
"Iphupho Lami Lifezekile" (ukuphayona), 7/15
Izikole Ezingokwasezulwini, 9/15
'Izindaba Ezinhle Kunazo zonke' (umsakazo waseCanada), 11/15
Kungani Beshumayela Endlini Ngendlu? 6/1
'Ngiyokwazi Kanjani Ukushumayela?' (okhubazekile), 1/15
"Qapha Inhliziyo Yakho!" Imihlangano Yesigodi, 5/1
"Sicela Usithathe Isithombe" (eMexico), 3/15
Ukulondoloza Amagugu Omlando Wethu, 1/15
Ukuthweswa Iziqu ZaseGileyadi, 2/1, 8/1
Umhlangano Waminyaka Yonke, 8/15
"Umlando Awuqambi Amanga" (e-Estonia), 12/1
Umusa Udambisa Intukuthelo, 6/15
Yangidonsela Amehlo' (Inqola Ye-Dawn), 2/15


## UJEHOVA


UBaba, 7/1
Ujezisa Abantu Esihogweni Somlilo? 10/1
Kungani Acela U-Abrahama Ukuba Anikele Ngendodana? 1/1
Kungani Athumela UJesu Emhlabeni? 12/1
Kungani Enenhlangano? 2/1
Kungani Sisebenzisa IGama Lakhe? 6/1
Sondela KuNkulunkulu, 1/1, 2/1, 3/1, 4/1, 5/1, 6/1, 7/1, 8/1, 9/1, 10/1, 11/1, 12/1
Uzomisa Uhulumeni Ozobusa Umhlaba? 11/1
UMuzwi Wemithandazo, 7/1
Uyabakhathalela Abesifazane? 9/1
Yini Ongathanda Ukuyibuza UNkulunkulu? 11/1


## UJESU KRISTU


Amavangeli E-Apocrypha, 4/1
Icala Lezelelesi Ezalengiswa NoJesu, 2/1
Imibuzo Iyaphendulwa, 4/1
Incazelo 'Yokuhamba Amamayela Amabili' (Math 5:41), 4/1
Ingabe UJesu UnguNkulunkulu? 4/1
Kungani AmaJuda Akhutshwa Indlela Afa Ngayo, 5/1
Sikukhumbula Kanjani Ukufa KukaJesu? 3/1
Ubani Owathumela "Inkanyezi"? 4/1
Umbono Ngezombusazwe, 5/1
Waba Nini INkosi? 8/1


## UKUPHILA NEZIMFANELO ZOBUKRISTU


AmaKristu Ekhulu Lokuqala Kwezombusazwe? 5/1
Funa "Ukuqondisa Okunekhono," 6/15
Fundisa Izingane Zakho, 3/1, 6/1, 9/1, 12/1
Ingabe Injabulo Ixhomeke Emshadweni? 10/1
Isipho Sokungashadi, 11/15
Izifundo Zami ZeBhayibheli, 2/1, 5/1, 8/1, 11/1
Izikweletu, 11/1
Kungani AmaKristu Ebhapathizwa? 4/1
Lapho Ingane Yakho Ingabaza Inkolo Yakho, 2/1
'Qaphelani Imvubelo YabaFarisi,' 5/1
Ubufakazi Obuthembisa Ukwethembeka, 12/15
Ukwenza Isikhathi Sokutadisha Sijabulise, Sizuzise, 1/15
Umusa, 9/1
Ungaxoshwa Yini Ngenxa Yezithombe Zobulili Ezingcolile? 3/15
Usinikeza Kanjani Iseluleko? 3/15